UJesu wathi kubo, “Umprofethi kalalo udumo kuphela edolobheni lakibo, phakathi kwezihlobo zakhe lendlini yakwabo.” Wayengeke enze izimangaliso khona, ngaphandle kokubeka izandla ebantwini abalutshwana abagulayo ukuba abasilise. Njalo wamangaliswa yikusilela kwabo ekukholweni.

— UMakho 6:4-6

Lapho ufunda uMbalo lo, kumele ube udobhe izinto ezithile kuleli ikhasi ezikunikeza ulwazi lwezindlela zoMbuso.

Wayengeke enze izimangaliso khona

Okwakuqala, amaKhristu amanengi awakaze awubone uMbhalo lo njalo angaphikisana lawe ethi nxa usithi zikhona izikhathi eBhayibhilini lapho uJesu ayesehluleka khona ukusilisa, ulahlekile. Kodwa njengoba ubona, wayengeke. Ungazwisisa ukuthi uMbuso kaNkulunkulu usebenza ngemithetho, uzaqala ukukhangelisisa indaba le ngendlela ejulileyo. Inzwisiso yansuku zonke kumaKhristu yikuthi uJesu ukhethe ukuba engabasilisi. Lokhu kungazwakala kulomqondo nxa wawungelayo inzwisiso yomthetho woMbuso. Ukubakwazi ngokuthi uJesu ubelawo amandla okusilisa kodwa wekela, ungelayo inzwisiso yomthetho wokubusa, kungakwenza ucine usithi Yena ukhethe ukuba angasilisi. Kambe singaba yini esinye isizatho?

Ungabe sowake wezwa omunye umuntu esithi, “UNkulunkulu uvumele lokhu ukuba kwenzakale,” kumbe “UNkulunkulu wazi ngcono,” kumbe “Konke kusesandleni sikaNkulunkulu,” kumbe okunye nje okukhulunywa ngumuntu nxa esitsho ngohlupho noma ubunzima yena noma umngane wakhe ahlangeane labo. AmaKhristu ajwayelekileyo, wona ama khonapha. Ngenxa yokungazi imithetho yoMbuso lokuthi yikuyini okwavimba uJesu, isiphetho abasitholayo yikuthi kwakuyintando kaNkulunkulu ukungabasilisi. Mngane wami, iBhayibhili kalitsho ukuthi Yena wakhetha ukungabasilisi. Lona lithi Yena wayehluleka ukubasilisa ngenxa yokuthi babesilela ekukholweni. Ungananzelela ukuthi okwakuvimba ukusiliswa kule indaba kwakungayisikho kuthi uNkulunkulu wayengafisi

ukukwenza lokho, kodwa kwakulemithetho kamoya eyokubusa eyayivimba amandla kaNkulunkulu.

Kwezinye izindaba, uzabe usunanzelela ukuthi kwakulezizatho zomthetho ezokusebenza kwamandla kaNkulunkulu awokubusa ukuze alethe intando Yakhe kunye lesifiso kuleso simo, noma hatshi, njengakulesi esisanda kusifunda. Ngakho ke, kujahekile ukuba ubekwazi ukuthi imithetho yoMbuso isebenza njani. Ngelinye ilanga nxa usudinga isandla sezulu, kawufuni ukuba sona sehluleke ukukufinyelela, kodwa, uzafuna sikhululeke ukuletha intando kaNkulunkulu empilweni yakho. Yiso ke isizatho esenza ngaloba lolu ugwalo.

Ukuze siqale uhambo lwethu, ngizacela uqale ngengqondo emsulwa unanzelele ukuthi kumele ulahle impendulo zezinkolo okade uzizwa impilo yakho yonke mayelana lokuthi kungani uNkulunkulu esenza kumbe engenzi ulutho. Ngithemba usukwazi ukuthi kumele ulahle ingcazelo eziwayelekileyo ezinikezwa esikhathini esinengi nxa kubuzwa ukuthi kungani uJohnny omncane wafa esasey-ingane: “UNkulunkulu wazi ngcono, konke kusesandleni Sakhe,” njalo njalo. Hatshi, wena kumele WAZI ukuthi kungani uJesu wayengeke asilise njalo ubelolwazi ngemilayo eholu ukugeleza kwamandla kaNkulunkulu emhlabeni. Kumele ubekwazi impendulo yombuzo othi, “Kungani

**IZITHEMBISO ZAKHE ZINIKEZA
ISITHEMBISO SOKUSILISWA,
UKUBUYISELWA,
UKUNGEZELELWA IMALI,
LOKUNYE OKUNENGI —
HATSHI UKUBA LAMANDLA
OKWANELISA UKUBAMBELELA
PHAKATHI KOBUNZIMA
LENHLUPHEKO.**

uJesu wayengeke asilise?” Ebantwini abanengi, ukutsho kwami ukuthi kulempendulo yalo umbuzo kuyabakhuba. Kodwa mina ngikutshela okutshiwo liBhayibhili, njalo kahle ngiphinde ngithi KUMELE wazi impendulo yombuzo lo.

Impendulo elula emfitshane echasisa ukuthi kungani uJesu wayengeke asilise kuleyana indaba yikuthi izulu lalingelawo umthetho wokubusa ukuba lokho kwenzakale. Ukubusa lokhu kulethwa lukholo lowesilisa kumbe owesifazane osemhlabeni olesiqiniseko esipheleleyo ngalokho okutshiwo lizulu. Noma sobabili singavumelana ukuthi uJesu wayelamandla lesifiso sokusilisa abantu, Yena wayengeke. UJesu, ngoKwakhe watsho ukuthi wayehluleka ukubasilisa hatshi ngoba ebuthakathaka kodwa ngoba abantu babengakholwa. Kulobe phansi lokho! Nansi isihluthulelo esimqoka lapha! Ukholo!

Kugwalo lwami oludlulileyo, ngichithe isikhathi esinengi ngichasisa ukuthi ukholo luyini, lusebenza njani, siludingelani ukholo, uNkulunkulu uludingelani ukholo, siluthola njani, lokuthi sazi njani ukuthi sesilokholo. Ngingathi kuqakathekile ukuba uzwisise umthetho oyinsika mayelana loMbuso wezulu ngiyabe ngingatsho kahle. Wona uyimpilo lokufa!

Maduzane ngamukele incwadi yendaba ivela kweyinye inkonzo yesiKhristu edumileyo. Yona yayimumethe lokho amaKhristu amanengi akukholwayo, ngeshwa ke. Kahle ngabele okunye kwakho lapha.

Yona iqala ngelizwi elihle eliku **Dutheronomi 31:6**:

Qinani libe lesibindi. Lingesabi lithithibale ngenxa yabo, ngoba iNkosi uNkulunkulu wenu ihamba lani, kayikulitshiya njalo kayikulifulathela.

Ibisiqhubeka ngokuthi . . .

“Kungani uNkulunkulu engamisi ubudlova lokuhlupheka? Kungani Yena evumela ukufa kwabantu? Imibuzo minengi, njalo iqiniso yikuthi kasizazi impendulo zonke. Kasikwazi ukuthi kungani uNkulunkulu evumela ukuthi izinto ezithile zenzakale. Esikwaziyo yikuthi uNkulunkulu ulothando oluqotho. Indlela Zakhe ziphezu kwezethu. Kumele sethembe izithembiso Zakhe ezingasitsheliyo ukuthi Yena akasoze asiphe lokho esikwanelisayo, kodwa kuthi lokho Yena asinikeza khona, uzasidlulisa kukho ebelathi kulo lonke inyathelo.”

AKUQONDANGA, AKUQONDANGA, AKUQONDANGA! Eqinisweni, iBhayibhili lisitshela okuphikisa lokhu.

Akulazilingo ezilehleleyo ngaphandle kokwejayekekileyo ebantwini; kodwa uNkulunkulu uthembekile, akayikuvumela ukuba lilingwe ngokwedlula lokho elingakumela, kodwa lapho lilingwa, uzalinika indlela yokuphunyuka ukuze limelane lakho.

— 1 KwabaseKhorinte 10:13 (NKJV)

Izithembiso zakhe zinikeza isithembiso sokusiliswa, ukubuyiselwa, ukungezelelwa imali, lokunye okunengi—hatshi ukuba lamandla okwanelisa ukubambelela phakathi kobunzima lenhlupheko. Uthando oluqotho lunika impendulo. Ngingaqhubeka, kodwa lokhu, ngeshwa ke, yikho abantu abanengi abakukholwa ngoNkulunkulu. Ukuthi umuntu angacabanga ukuthi uNkulunkulu, olothando oluqotho, anganikeza umuntu imvukuzane kumbe ayekele ukusilisa Yena elamandla okukwenza

lokho kuyangimangaza. Nxa ungababuza ngalokho, futhi, impendulo yabo ejwayelekileyo ngethi indlela Zakhe akusizo ndlela zethu. Uyadlala na? Thina kasilalo uthando oluqotho kodwa lathi sasingeke sikwenze lokho kubantwana bethu! Khepha, Yena wenza indlela Zakhe zibe sobala eLizwini Lakhe.

Incwadi yezindaba le yayisitsho ukuthi yiloba yini Yena asinikeza yona, uzakuba khona kulo lonke inyathelo thina sidlula ekuhluphekeni. UNkulunkulu uyasipha na ulutho olubi ngalolo hlobo? Hatshi. Nxa iBhayibhili lisitshela ukuthi Yena ulathi njalo kasoze asitshiye, litsho ukuthi uNkulunkulu ulathi khonalapho ukuze afeze izithembiso Zakhe! Mngane wami, imfundiso le eyokuthi uNkulunkulu uyisitha sethu kayiveli kuNkulunkulu. Yona kayikhulumi ngoNkulunkulu engimkhonzayo, njalo ngethemba lawe kawusoze uyimele. Nxa ibandla lifundisa ingcekeza enje, kumele usuke kulo masinyane!

UNkulunkulu uluthando njalo iLizwi lithi uthando alwehluleki. Okwehlulekayo, kodwa ke, yikubusa kukaNkulunkulu, ukwanelisa Kwakhe ukuba angenele emhlabeni, okulethwa lukholo lwethu. Njalo futhi, le yindaba yomthetho, hatshi indaba yokwesaba, eyemizwa, kumbe okunye. Yindaba elula eyomthetho okumele ubeyazi. Njengoba umuntu elokubusa emhlabeni, uNkulunkulu akangeke enze akufunayo, njengokuba ngike ngayabelana lawe. Ukuvu-melana kwakho lezulu, ukholo lwakho, luyadingeka ukunikeza izulu ukubusa okuletha amandla kaNkulunkulu kuleso simo kube lokulunga. Mngane, **kumele** wazi ukuthi ukholo luyini lokuthi kungani ludingakala ukuze wamukele okuvela kuNkulunkulu.

Nxa ungazange ufunde ugwalo lwami olusemuva kwalolu (*Inguquko Yezimali Zakho: Amandla Okuthembeka*), ngizakwabelana lawe ngamafitshane ukuthi luyini ukholo. Noma ubusungacabangela

ukuthi phose wonke umKhristu osebenzisa ibala elithi ukholo uyakwazi ukuthi lona luyini, usungabe uphambanisa. Kumele sibe lesifundo semvelo ukuze sizwisise umqondo woMbuso obalulekileyo mayelana lomthetho wokubusa.

Kasikhangele **KwabaseRoma 4:18-21:**

Kungekho themba, u-Abhrahama ngethemba wakholwa waba nguyise wezizwe ezinengi, njengoba kwakutshiwo kuye ukuthi, “Izakuba njalo inzalo yakho.” Engekethisanga ekukholweni kwakhe, wamelana lobuqotho bokuthi umzimba wakhe wawusufana lofileyo—njengoba wayeseleminyaka ephosa ibe likhulu ubudala—kanye lokuthi isibeletho sikaSara laso sasesifile. Waqiniswa ekukholweni kwakhe, wapha udumo kuNkulunkulu, ekholwe ngesiqiniseko esipheleleyo ukuthi uNkulunkulu wayelamandla okwenza lokho ayekuthembisile.

U-Abhrahama waziwa njengobaba wokholo. Yena wayele-siqiniseko esipheleleyo esokuthi uNkulunkulu wayelamandla okwenza lokho ayekuthembisile. Ukuba lesiqiniseko esipheleleyo, uvumelana loNkulunkulu, kuthiwa lukholo. Kungekho ukuvumelana lokhu, uNkulunkulu kangeke asebenze emhlabeni. Ngakho sungabuza, “UNkulunkulu kungani edinga ukuthi umuntu ayenze okuthile okuzamvumela Yena ukuba enze kumbe okuzamenqabela ukwenza lokho akukhethayo? Yena unguNkulunkulu.” Ukuphendula umbuzo lowo, kumele sikhangele ekuqaleni, esikhatini sika-Adamu.

Wamenza waba mncinyazana kulezingilosi; wamethesa umqhele wodumo lobukhosi wabeka lezinto zonke ngaphansi

*kwezinyawo zakhe. Ekubekeni izinto zonke ngaphansi kwakhe,
uNkulunkulu katshiyanga lutho olungekho ngaphansi kwakhe.
Kodwa khathesi kasiboni zinto zonke zingaphansi kwakhe.*

— KumaHebheru 2:7-8

UMbhalo lo ukhuluma ngo-Adamu lo-Eva bedalwa. Ngicela unanzelele ukuthi akukho emhlabeni okwakungekho ngaphansi komthetho wabo wokubusa. U-Adamu wabekwa emhlabeni ukuze abuse umhlaba elamandla ayewaphiwe nguMbuso kaNkulunkulu. Wayebusa umhlaba wonke.

*UNkulunkulu wasesithi, “Asenze umuntu ngesimo sethu,
langomfanekiso wethu, ukuze abuse phezu kwenhlanzi
zolwandle lezinyoni zemkhathini, phezu kwezifuyo, phezu
kwawo wonke umhlaba, laphezu kwazo zonke izinanakazana
ezihuquzela emhlabathini.”*

— UGenesisi 1:26

Ngakho njalo, siyabona ukuthi u-Adamu wayebusa ngamandla ayewaphiwe njalo eyetheswe umqhele wenkazimulo (ugcobo noma amandla) lenhlonipho (isikhundla samandla). Akukho okwakungekho ngaphansi kwakhe. Eqinisweni, ungafunda indaba yokudalwa, u-Adamu nguye owethesa izinyamazana amabizo, njengoba wayephethe umhlabakazi wonke. Njengoba sonke sisazi, u-Adamu walahla indawo yakhe yokubusa ngenxa kaSathane, owakhohlisa u-Eva walinga u-Adamu ukuba enze umvukela phezu kukahulumende kaNkulunkulu, njalo yena wakwenza lokho. Uphawuli uloba ku 2 KwabaseKhorinte 4:4 ukuthi uSathane, ngenxa yomvukela ka-Adamu, waba ngunkulunkulu walo

umhlaba. Kazange athi wayengomunye wabonkulunkulu, kodwa wathi wayenguye unkulunkulu walo umhlaba, okutsho ukuthi yena wayeselamandla emthethweni ngokomoya lapha. Umoya womuntu, owadalelwa ukuba ubambane loMoya kaNkulunkulu, wawusususiwe Kuye. Umuntu waqala ukuhamba ngengqondo yakhe, imicabango yakhe, intando, kanye lemizwa.

Usathane wamholela endaweni ephakemeyo wamtshengisa ngesikhathi esifitshane yonke imibuso yomhlaba. Wasesithi kuye, “Ngizakunika amandla lenkazimulo yayo yonke ngoba kuphiwe mina njalo ngingapha loba ngubani engifuna ukumupha. Ungangikhonza, konke kuzakuba ngokwakho.”

— ULukha 4:5-7

Uzananzela ukuthi uSathane uthi isikhundla alaso emhlabeni “**wasiphiwa.**” Yebo ke, siyazi ukuthi lowo owamnikezayo ngulowo owayengumnini ngokomthetho ekuqaleni, lowo muntu ngu-Adamu. Kuqakathekile lokhu. Nxa, ngempela, uSathane wayezame ukungena emhlabeni ngokungekho emthethweni, yena wayezaxotshwa nje masinyane. Ungacabanga ngepholisa elibiza abanye balo ukuze bazolisiza, usungaba lokuzwisisa ukuthi kungani ngisithi uSathane wayezaxotshwa. Ibheji egqokwa lipholisa itsho ukuthi ibutho lonke lamandla kahulumende wase United States kukhona ukuba kuxhase amazwi akhe.

Umqhele owawugqokwe ngu-Adamu (isikhundla ayelaso), owawumenza abuse endaweni kahulumende kaNkulunkulu, waletha amandla kaNkulunkulu onke ukuba amsekele. Ngenxa yesikhundla sika-Adamu emhlabeni, uSathane wayengelakho

ukubusa emhlabeni nganoma yiphi indlela. Yena wayebuswa ngu-Adamu lo-Eva. Indlela esemthethweni uSathane ayengayisebenzisa ukubusa umhlaba yayiyadinga ukuthi u-Adamu ayethule umqhele wakhe yedwa, ngoba uSathane wayengelayo indlela yokumbandezela ukuba amkhulule. USathane wayesazi ukuthi umuntu owayengakhulula u-Adamu umqhele ngu-Adamu ngokwakhe. Yingakho uSathane wadinga icebo lokukhohlisa. Inkohliso le yayiyini? USathane wabenza bacabanga ukuthi uNkulunkulu wayengathembekanga njalo wayengabakhathaleli. Yena wenza u-Eva wakholwa ukuthi ukungalaleli uNkulunkulu kwakulenzuzo lokuthi imilayo kaNkulunkulu yayibabisela emuva yena lo-Adamu ukuze bangatholi inzuzo.

USathane kwakumele enze u-Adamu lo-Eva bakholwe kumbe balandele yena kuloNkulunkulu.

Ngamazwi acacayo, yilo ukholo lolu. Ukholo luchasiswa luthiwa “yikuba lesiqiniseko esipheleleyo” ngalokho okutshiwo nguNkulunkulu. U-Adamu lo-Eva balahla iLizwi likaNkulunkulu bethi kalithembakalanga bangena kusivumelwano lalokho okwakutshiwo nguSathane. Basukuma phezu kwalokho ababekukholwa, okwakusenza ukuma kwabo okuqondileyo phambili kukaNkulunkulu kube yize njalo kwanikeza uSathane isisindo somthetho phezu kwendaba zabantu. Impumela iyini? U-Adamu, owayelamandla phezu komhlaba, wakhahlelela uNkulunkulu phandle ngokomoya aze alandele uSathane! U-Adamu walahla umqhele wakhe, indawo yakhe yesikhundla samandla, ukuze alandele uSathane. Ngokwenza lokho, wayexotsha uNkulunkulu empilweni yakhe. Abanengi bangathi, “Hatshi, kwakungeke

kwenzeke; u-Adamu wayengeke axotshe uNkulunkulu emhlabeni!” Kodwa singalonda indaba yomuntu, yikho kanye okwayenzakalayo. Kahle ngikuvezele lokhu. Kasikhangele **kuGenesisi 3:17-19** njalo. Ngemva kokuba u-Adamu esewonile, uNkulunkulu waya kuye wathi,

Uqalekisiwe umhlabathi ngenxa yakho, ngokusebenza nzima uzakudla okuphuma kuwo zonke insuku zokuyiphila kwakho. Uzamila ameza lezihlahlakazana zameza azahlaba wena, njalo uzakudla izihlahla zeganga. Ngezithukuthuku zebunzi lakho uzakudla ukudla kwakho ze ubuyele emhlabathini.

Nanzelela kuthiwa, “*uqalekisiwe umhlabathi [umhlaba] ngenxa yakho.*” Ukuqalekiswa kutsho ukusweleka kobukhona bukaNkulunkulu lesibusiso. Ngu-Adamu, owayelamandla phezu komhlaba, owaquma ukubusa kukaNkulunkulu ngokomthetho emhlabeni. Ngamazwi acacayo, uNkulunkulu uthi, “Wena, Adamu, ngenxa yakho, izandla zami sezibotshiwe. Kangisayenelisi ukukusiza.” Abesetshela u-Adamu ukuthi kuzamele azibonele ukuthi uzaphila njani, ngokusebenza nzima lokuthwala gadalala. Lokhu ngikubiza ngithi “yisiqalekiso somhlaba” esokuziphilisa. Kulapho sonke esakhulela khona—embusweni wokuziphilisa lokwesaba. Safunda ukukhathazeka, njalo ukwesaba yikho okubusa imicabango yethu kusukela sizalwa. Ngifuna ukuphenduka kulo uMbhala maduzane ukuze sikhulume kabanzi ngaso isiqalekiso somhlaba, kodwa okwakhathesi, ngifuna ukuba leqiniso lokuthi uyazwisisa ukuthi uSathane wathola njani imvumo emhlabeni. Futhi, yena kwakumele athole owesilisa noma owesifazane owayesemhlabeni owaphiwa amandla okubusa nguNkulunkulu ukuba amvulele umnyango.

U-Adamu wayelaso isihluthulelo leso, ngakho uSathane wenelisa ukumyenga ukuba avule lowo mnyango. Khathesi, kasikhangele KumaHebheru 2:7-8 njalo.

Wamenza waba mncinyazana kulezingilos; wamethesa umqhele wodumo lobukhosi wabeka lezinto zonke ngaphansi kwezinyawo zakhe. Ekubekeni izinto zonke ngaphansi kwakhe, uNkulunkulu katshiyanga lutho olungekho ngaphansi kwakhe. Kodwa khathesi kasiboni zinto zonke zingaphansi kwakhe.

Nanzelela ukuthi uMbhalo uthi uNkulunkulu katshiyanga lutho OLUNGEKHO ngaphansi kwakhe. Noma uMbhalo lo ukhuluma ngesehlakalo sakudala, wona usebenzisa ibala elithi *olungekho* olukhomba namhlanje ukuchasisa isimo somuntu khathesi emhlabeni. Noma umuntu walahlekelwa ngamandla akhe ngokomoya lapha emhlabeni ngenxa yesono sika-Adamu, umuntu akazange alahlekelwe ngumsebenzi wakhe ngokomthetho kuwo umhlaba, yingakho kusetshenziswa ibala elithi *olungekho*. Ngenxa yesimo somuntu ngokomthetho emhlabeni, uNkulunkulu akenelisi ukufika angene nje emhlabeni aqale ukuphikisana lamazwi Akhe ngoba uSathane sengamenza umqambi wamanga.

UNkulunkulu kumele adinge owesilisa noma owesifazane osemhlabeni ozavumelana Laye, okuyikho okuyavula isango loMbuso kaNkulunkulu ukuba ubuse lapha. Ukuba lenhliziyo kanye lengqondo elesiqiniseko esipheleleyo mayelana lalokho okutshiwo lizulu kuthiwa yikukholwa. Ukholo kumele lubekhona ukuze uMbuso kaNkulunkulu ubuse lapha. Ngizathatha isikhathi lapha ngichasisa ukuthi ukholo lutholakala njani lokuthi wazi njani nxa usulokholo. Konke lokhu kukhona kugwalo lwami lwakuqala

kuluhlu lohlelo lolu. Ngenxa yale ingxoxo, ngifuna ukuba leqiniso lokuthi wena uyazi ukuthi ukholo luyini lokuthi kungani ludingeka ukuze izulu lisebenze lapha emhlabeni.

Khathesi, ngithemba usulenzwisiso engcono mayelana lokuthi kungani uJesu “wayengeke” enze izimangaliso ekhaya Kubo— abantu balapho babengelalo ukholo. Ngalokho, izulu lalingelawo umthetho wokubusa lapho. Kahle ngigqibe ingxoxo le ngoMbhalo omuhle ozabonisa lokho engikutshoyo.

Ngoba wonke umuntu sowake wezwa ngabaseRoma 10:10:

Ngoba ukholwa ngenhliziyo yakho njalo ulungiswa ngayo, njalo kungomlomo wakho ovuma ngawo ukholo lwakho usindiswe.

UMbhalo lo uyingxenywe yalokho amaKhristu akubiza ngokuthi yindlela yabaseRoma, phakathi kweminye iMibhalo emine esitshengisa ukuthi singasindiswa njani. Kodwa usuke wama kancane wacabangisisa ngendlela oyitshengiswa KwabaseRoma 10:10? Ukhola ngenhliziyo yakho noma sithi yiyo engena kusivumelwano lezulu. Uma inhliziyo yakho ingena kusivumelwano lezulu uyabe unikeza izulu umthetho wokungena emhlabeni. UMbhalo lo uthi nxa ukholwa izulu, uyalungiswa. Ubulungiswa yikusetshenziswa komthetho. Ngakho ukukholwa enhlizweni yakho kukunikeza ilungelo lomthetho phambili kwezulu kanye lomhlaba ukuze ufumane lokho okutshiwo lizulu ngoba izulu liyabe selinikezwe umthetho wokuba semhlabeni. Kodwa nanzelela ukuthi akukho okuhle kwenzakale. Kulengxenywe yesibili kulo uMbhalo ethi: “. . . njalo kungomlomo wakho ovuma ngawo ukholo lwakho usindiswe.” Uyabona, noma inhliziyo yakho ingavumelana lezulu,

okwenza kube semthethweni ukuthi izulu lingene emhlabeni, akukho okwenzakalayo, ngaphandle kokuthi wena, ndoda kumbe mfazi osemhlabeni olamandla okubusa umhlaba, ukukhulule lokho emhlabeni. Kungani? Ngoba wena ulamandla okubusa lapha; izulu kalilawo ngaphandle kwakho!

Ngilitshele iqiniso ukuthi, loba yini eliyibophayo emhlabeni izabotshwa lasezulwini, njalo lokho elikukhululay emhlabeni kuzakhululwa lasezulwini.

— UMathewu 18:18

Lapha, kukhulunywa ngalokho esisanda kukhuluma ngakho. Loba yini eliyibophayo emhlabeni, izulu lizaxhasa, loba yini eliyikhululayo emhlabeni, izulu lizaxhasa. Izulu ngeke likwenze lokho ngaphandle kwakho. Izulu lilinde wena njalo ngeke linyakaze ngaphandle kokuthi owesilisa noma owesifazane olokholo noma olesivumelwano lezulu akhulule amandla lawo emhlabeni.

Ukuzwisisa indlela yokukhulula amandla ezulu emhlabeni kuletha inguquko enkulu. Ngakubona kweyami impilo njalo lakulo umlayezo we *email* engawamukelayo.

“Linjani! Mina lomyeni wami sifuna ukwabelana lani ngendaba yethu ye ‘*yokuzingela ngokholo*’ emangalisayo! Ngo 2011, sasihlala endaweni esasingathi ‘yindlu yamaphupho’ ethu, kodwa sasiphila singelamali sihlala siphuzelwa ngumholo olandelayo njalo kwesinye isikhathi amakhadi ethu ebhanga sasiwasebenzisa ukuthenga izinto zansuku zonke ngekhaya [loku] hlawulela ukufudumeza indlu yethu. Sasiziphilisa nje kwakungela mpumelelo. Mina ngangikhokhela indumiso ebandleni lethu, kodwa ukholo lwethu

lwalungaxhumananga lezimali zethu. Ngabona uhlelo lwenu oluthiwa *Fixing the Money Thing* ku Daystar, olwangithintayo, njalo [mina] ngasengifuna ukuthola ugwalo lolo oluthiwa, *Fixing the Money Thing*, kunye lama CD awe Nguquko Yemali. Sasiwalalela sikhathi sonke ama CD lawa sifunda logwalo ndawonye.

“Sasingakwazi ukuthi sasingelalo ukholo! Sasikwazi ukuthi ukuze sigcine indlu yamaphupho ethu le, kwakumele sibe lempendulo yokuthi imali yayisebenza njani eMbusweni. Sahlanyela i\$200 *eFaith Life Ministries* (yayisingaba yi \$2,000. Yayiyimali enkulu kithi ngaleso sikhathi!) savumelana loNkulunkulu ukuthi asitshengise isikhala kwezokuthengisa esasingasigcwalisa sisebenzela ngekhaya.

“UNkulunkulu wasinikeza icebo lokwenza ibhizimusi lokukhulisa imidlwane ye *Goldendoodle* ngekhaya. Sathenga imidlwane emibili eyohlobo lwe *Goldendoodle*, uBella lo Gracie, sayikhulisa ukuze izale eminye imidlwane yohlobo lwe *Goldendoodle*, saphathisana loNkulunkulu. Sasikwazi ukuthi thina ngeke senze imidlwane!! Sakhulisa ama *doodle* ethu mabili, kwathi ngo 2014, sasesilemidlwane elitshumi lantathu eyokuthengisa ngentengo yemkambo eye \$1200 owodwa. Lonyaka, ngo 2015, sesibe lemidlwane engamatshumi ayisithupha lantathu, YONKE iqinile. Ngokuthengisa imidlwane yethu, sesikhululwe kuzo zonke izikwelede ngaphandle kwesendlu yethu. Sesilemali ebekelwe okuvukayo nje eceleni.

“Samangala futhi, umama wami wasibuza ukuthi sasin-gathanda na ama *Goldendoodle* akhe amabili ukuba siwakhulise ngoba yena wayesethatha umhlala phansi! UNkulunkulu wayese-sibusisa ngamanye ama *doodle* amabili kungelanhlawulo! Kwathi ngoNtulikazi, umyeni wami wakhutshulwa isikhundla esikolweni saphezulu ayesebenza kuso!! Ngomnyaka owodwa, imali esasiyithola

yaphindwa yaba ngeyezinombolo eziyisithupha!! UKUZINGELA NGOKHOLO KUYASEBENZA!! Sathinta kumithetho yoMbuso kaNkulunkulu. Khathesi, sihlanyela kuyo yonke imisebenzi yoMbuso njalo silandela ibandla lakho kumagagasi zonke insuku ngeSonto ekuseni singakayikhokhela indumiso kwelethu ibandla! Siyabonga ngokusifundisa ukuthi uMbuso usebenza njani!”

—Karla

Abathatheneyo laba bangithumele eyinye i-*email* kuyonale iviki.

“IPhasika elihle! Yena uvukile! Besifuna ukwabela ngenguquko esihlangane layo lowethu owamagagasi uMfundisi Gary! Sicela limazise ukuthi sithakazelele ukuzalwa kukaJesu sise Jerusalema lonyaka (uhambo beluhlawulelwe okupheleleyo). Sabusiseka kakhulu ukuthi indodana yethu esakhulayo uCarter wabhaphathizwa kuMfula uJoridane, sadumisa leHillsong Australia kuLwandle lwaseGalile ngentambama! Habe!!! Siyabonga ngoba salungisa udaba lwemali!

Sesibe lemidlwane engu 121 khathesi. Sacina sikhuphula intengo yemidlwane ukuba iye ku \$2,300 ngoba uluhlu lwalabo ababelindile lwasolulude kakhulu! Makadunyiswe uNkulunkulu.”

—Karla

Lesi yisibonelo esihle esalokho uMbuso ozakwenza empilweni yakho. Ngathinta uKarla ngocingo kuyonale iviki ngemva kokwamukela i-*email* le, wajabula KAKHULUKAZI!!! Wathi lonyaka bazaqedisa ukuhlawulela indlu yabo. Ungakhangela i-*email* yakuqala ayithumelayo, yena wathi kulesosikhathi (ngithatha kusuka ku-*email* ephezulu):

“Sasiphila singelamali sihlala siphuzelwa ngumholo olandelayo njalo kwesinye isikhathi amakhadi ethu ebhanga sasiwasebenzisa

ukuthenga izinto zansuku zonke ngekhaya [loku] hlawulela ukufudumeza indlu yethu. Sasiziphilisa nje kwakungela mpumelelo.”

Khathesi, ngemva kweminyaka embalwa nje, bayabe sebehlawule baqeda? UMBuso!

ISAHLUKO 3

UMBUSO YIMPENDULO YAKHO

Khathesi njengoba usulokuzwisisa okuyinsika kokuthi uMbuso usebenza njani ngemithetho lezimiso ezingaguqukiyo, ngifuna ukuqala ukujonga kumithetho elesisindo kwezezimali zakho, okukhokhela emaphethelweni, ekuphumulweni kwakho.

Kodwa singakayi lapho, ngifuna ukuchasisa ukuba kungani ngathumeza ugwalo lolu elithi *Amandla Okuphumula* njalo lokuthi ngitshoni ngebala elithi ukuphumula nxa sikhangelane lezezimali ndawonye loMbuso. Ngokumangalisayo, ayisimi engawusungulayo umnakano lo nxa sokukhulunywa ngezimali, nguNkulunkulu.

Kanjalo amazulu lomhlaba kwapheleliswa ngakho konke ukuhlotshiswa okukhulu. Ngosuku lwesikhombisa uNkulunkulu wayesewuqedile umsebenzi ayewenza; ngakho wasephumula kuwo wonke umsebenzi wakhe. Njalo uNkulunkulu walubusisa usuku lwesikhombisa walwenza lwaba ngcwele ngoba waphumula kuwo wonke umsebenzi wokudala lokho ayeseqwenzile.

— UGenesisi 2:1-3

Okwakuqala, kahle ngenze lokhu kucace: uNkulunkulu akazange aphumule ngosuku lwesikhombisa ngoba wayediniwe. UNkulunkulu akadinwa. Yena waphumula ngenxa njengoba umbhalo usitsho, konke kwapheleliswa njalo Yena wayeseqedile. Wadala umuntu ngosuku lwesithupha ukuze aphilile ngolwesikhombisa. Usuku kwesikhombisa lwalungelamcabango wokwesaba, ukudinga ukuziphilisa, umkhuhlane, ubsebenza kabuhlungu kumbe ukuginqela ukuzisilela. Endaweni yalokho, imicabango ka-Adamu yayijonge kuNkulunkulu kuphela, inkosikazi yakhe, umsebenzi awubekelweyo kanye lenjongo. Konke okwakudingeka ukuthi asekele umsebenzi awubekelweyo kanye lempilo kwakukhona; uhlelo lukaNkulunkulu lwaluphelele. Abantu banamuhla baphupha ngokuba lalokho uAdamu ayelakho, ukuphila kungekho kukhathala, ukuba lesikhathi sokujonga lokho abakuthandayo lobudlelwano kungelakukhathalela ukuzisilela. Ngeshwa, u-Adamu wathi ehlamuka, walahla ukusilelwa nguNkulunkulu, umuntu usegwetshelwa ukugijima (ukusebenza gadalala ngezithukuthuku) exotshanisa into zale impilo.

Ngoba abezizweni bagijimela zonke lezizinto kodwa uYihlo osezulwini uyakwazi ukuthi liyazidinga. Kodwa funani kuqala umbuso wakhe lokulunga kwakhe, kuzakuthi ke zonke lezizinto liziphiwe lazo.

— UMathewu 6:32-33

Isisindo sokudinga ukuzisilela singumthwalo onzima othandela imibono yomuntu. Ukuhuga kwenotho, ukukhululwa ekusebenzeni gadalala ngezithukuthuku, yikho ke lokho abantu

abaphupha ngakho. Ukubangunozogidi kubalokubaluleka nxa kusanelisa ukususa ukudangala lobunzima bokusilelwa, kusivumela ukuthi sijonge injongo lomsebenzi obekiweyo. I-*lottery* iyathandeka ngenxa yokuthi iletha inotho kungela kusebenza okudingakalayo lokuphunyuka kusithuko sendlela zemali ezalo umhlaba. Indlela zokunotha masinyane zisabalele ngaso sonke isimo ziphinde zisakazwe kuma-*email* ethu lakuzimemezelo ze-*Facebook*. Ngakho kundaba zezimali zethu, kumele siphendule umbuzo: Ikhona indlela yokubuyela kuloluya suku lwesikhombisa lapho into yonke iphelele yayihlangene njalo ikhona? Impendulo nguYEBO omkhulu! Ukuthi lokho kwenzakala njani lokuzwisisa imithetho yoMbuso

**ZONKE IMPENDULO
OZIDINGAYO UKUZE
UHLALE KUMSEBENZI
OWUBEKELWEYO,
EZIKUVUMELA UKUBA
UFUMANE INJONGO YAKHO,
ZIKHONA EMBUSWENI.**

ezaletsha izithelo ezinye yiyo injongo yalolu gwalo. Ngiyazi ukuthi izehlakalo zempilo kumbe ibandla lamaKhristu selingaphikisa lokhu engikutshoyo, njengoba amaKhristu amanengi asingatha imfundiso ethi “ubuyanga bungcwele.” Kodwa ngiyakuqinisa ukuthi zonke impendulo ozidingayo ukuze uhlale kumsebenzi owubekelweyo, ezikuvumela ukuba ufumane injongo yakho, zikhona eMbusweni.

*Libusisiwe lina elimpofu, ngoba umbuso
kaNkulunkulu ngowenu.*

— ULukha 6:20

Impendulo yokuba ngumyanga nguMbuso! Lo yiwo umbhalo wakuqala uNkulunkulu angikhokhela kiwo lapho Yena eseqala ukufundisa imithetho yezemali eMbusweni. Ngeqiniso, ukuze uzwisise okutshiwo ngumqondo lowu, sokuzamele uzwisise umqondo wombuso, esengiwutshilo mandulo. Ngiyakholwa uyazwisisa ngeqiniso ikwenzakala esiVandeni lapho u-Adamu awona khona. Kahle ngithathe isikhathi kesikhumbuzane.

Ekuqaleni, u-Adamu lo-Eva babengakhathaleli lutho, akulamkhuhlane noma isidingo sokusilelwa esasibadida ingqondo nsukuzonke. Mihla yonke, kwakufanele bacabange umsebenzi abawubekelweyo, okwakuyikumthanda uNkulunkulu, ukuthandana, lokunakekela umhlaba laso isiVande uNkulunkulu ayebanike sona. Ukwesaba kwakungekho lakancane empilweni zabo. Kodwa uAdamu wathi esehlamukile, konke kwaphuma endleleni. Njengoba ngike ngatsho, uSathane waba ngunkulunkulu walo umhlaba, umuntu wasuswa kuNkulunkulu, uNkulunkulu wasuswa ukuba lamandla okubusa phezu komuntu. U-Adamu wethuka esebona iqiniso elitsha lokusebenza kwempilo. Siphindenjalo, nanka amazwi uNkulunkulu awaletha kuAdamu ngemvwa kwesono sakhe.

Uqalekisiwe umhlabathi ngenxa yakho, ngokusebenza nzima uzakudla okuphuma kuwo zonke insuku zokuyiphila kwakho. Uzamila ameva lezihlahlakazana zameva azahlaba wena, njalo uzakudla izihlahla zeganga. Ngezithukuthuku zebunzi lakho uzakudla ukudla kwakho ze ubuyele emhlabathini.

— UGenesisi 3:17-19

Ukusebenza gadalala, ukuphuma izithukuthuku, ukwesaba, ukukhathazeka, lomngqondo wokuziphilisa yikho okwasokuphethe iminakano ka-Adamu lo-Eva. Injongo yabo, okuluhlelo uNkulunkulu ayebabekele lona, sokulahlekele phakathi komncintiswano lokulwela ukusila. Ukuthunywa kuka-Adamu okumangalisayo, injongo yakhe, sokugubuzelwe zinkathalo zempilo lesidingo sokusilelwa. Ulahlekelwa ngumbono wokuba ungubani. Injongo inye aseyibona yikuziphilisa, okudinga ukusokola gadalala lezithukuthuku ezingapheliyo. Akukho okwaguqukayo kusukela lapho kuze kube namuhla lokhu.

Namuhla, njengomfundisi, ngithola ukuthi umbuzo omkhulu abantu abangibuza wona ngothi, “Kumele ngenzeni ngempilo yami?” Isizatho sokubuza kwabo yikuthi kusukela ku-Adamu kuzinga leli lomhlaba, inhloso yokuzisilela yiyo esiyisilinganiso sakho konke okunye. Ukhetho solusenziwa kusisekelo semali hatshi injongo. Imali lezidingo zayo kufuqa abantu ukuthi bathathe imisebenzi abayizondayo. Eqinisweni, inengi labantu kalizazi ukuthi lingobani. Faka uphawu lapha, “Ngaphandle kokumazi uNkulunkulu, awungeke wazi uhlelo Lwakhe ngempilo yakho. Yena Nguye owakudalayo wena.”

Abantu balendlala enkulu yokwazi ukuthi bona bangobani. Emhlabeni lapha bakhanya belinani nje, kodwa kuNkulunkulu bayindalo ebalulekileyo eyahlukileyo elobungcitshi lokwanelisa okungekho komunye. Kodwa ngenxa yokungamazi uNkulunkulu njalo, futhi, lokungabizazi, badinga ukusuthiseka endaweni ezingafanelanga. Bavumela isiko ukuba lihlele isisindo sabo ngokwamukela okutshiwo lisiko. Kodwa umfanekiso obekwa zindaba lesibuko samasiko yizithunzi eziguqukayo. Ngenkathi uthi usuhambelana

lalokho abathi kuyamukeleka, ufumana ukuthi sokwaguquka njalo wena ususele emuva.

Ngikhumbula ngise Paris ngihamba emgwaqweni ngilo-Drenda. I-Paris yona, yebo, yaziwa ngezomceco; ngalowomnyaka kwakucecwa ngokunsundu lokumnyama. Ngathi ngikhangela emigwaqweni, kumagumbi onke, ngangibona amakhulu abantu ehamba. Ngamangala ngingaboni itshatha lombala. Wonke umuntu, kungekho oseleyo, wayegqoke okunsundu lokumnyama. Kwakulamakhulu lamakhulu abantu bekhanya befana nje bonke. Wacina nini ukuzwa umuntu ethi umbala awuthandayo ngonsundu? Kodwa ngosuku loluyana, amaxuku ayelesiqiniseko sokuthi umbala othandekayo ngonsundu kumbe omnyama.

Ngenxa yokuthi umvutho wokusilelwa ulamandla njalo ukhanda izimilo zethu ukuthi zamukele loba yini engasisiza ukuthi sikuthole lokwamukelwa, mina loDrenda sadala isitsho esesitshumayele ngaso okweminyaka: “Nxá nga ungalungisisanga udaba lwemali, awusoze uthole ubizo lwakho.” Ukuba yisigqili sezidingo zokuziphilisa kutshiya isikhathi esincane sokucubungula lokudala imizamo emitsha. Iqiniso yileli, njengoba ngike ngatsho, kanengi abantu benza ukhetho beholwa ngomgomo wokuthola kumbe ukubuthelela umbono wokokuziphilisa. Iqiniso yikuthi sifuqwa yingqondo yokuziphilisa ngokusebenza gadalala ngezithukuthuku sesaze sama ukuphupha. Ukwesaba sokuthumbe amaphupho ethu, ukusweleka kokusilelwa kubophe amaphupho ethu ukuze engafezeki.

Ngikhumbula lapho iphupho lami kwakuyikuthola umhluzi oyaneleyo ukuya endlini, yeka ulutho olungaguqula impilo. Ngalezonsuku, ayengekho amaphupho amakhulu emnakanweni. Ukwanelisa ukukhokha inhlawulo yendlu ngenyanga kwakusesula konke ukucabanga engangingakwenza. Ngiyavuma ukuthi kunzima

ukucabanga phetsheya kokuziphilisa nje nxa ukhathalela ukudla kumbe ulezidingo eziphuthumayo ezemali.

Lapho u-Adamu esekela uMbuso uhamba, umhlaba omutsha ogcwele ukufa, ukwesaba, ukuziphilisa, lokwethuka kwathabatha impilo yakhe. Ngiyathemba sonke siyakwazi ukuthi lokhu kunjani. Kweyami impilo ngingabalisa indaba ezimbalwa ezokwethuka, ukuyangeka, lokwesaba lapho ngidubeka okweminyaka eyisifika-munwemunye yokusangana ngezezimali, ngacina sengimelanana lokuqaleka kokwethuka, sengiphila ngemithi yokudangala. Ukuphila kusithuko somhlaba esokuziphilisa sokwasiqeqetshisa sonke ukuba lenkangelelo embi ngempilo. Abanye bakuphatha ngendlela engcono lokhu, kodwa engekho uKhristu, umqondo lo omubi uqhubeka usitshela ukuthi kasifanelanga.

Sowake wezwa na omunye umuntu ethi, “Ungaphakamisi ithemba lakho”? Ngisakhula, ngangithi ngingathakazelela ulutho ubaba ayecabanga ukuthi luyibuwula, wayethi, “Ngelinye ilanga uzakhula.” Ngaleso sizatho ngasengingasazivumeli ukuthi ngicabange ngolunye ulutho ngaphandle kwalokho ubaba ayethi kuyisidingo. Ngiyakholwa ubaba wayekhubazwe yikukhulela endlini yezidakwa, lokhu yikho ayekwenziwe lapho esakhula.

Eqinisweni, sonke besesizingcitshi sokhathazeka kusukela sizalwa. Ukwesaba lulimi oluvamileyo kulelizinga lomhlaba. Ungama ucabange ngakho kancane, ibala elithi *hatshi* ladwetshwa kithi kusukela lapho sizalwa. “Hatshi, awungeke ubelakho lokhu.” “Hatshi, awungeke uye lapho.” “Hatshi, awanelisi ukukuhlawulela lokho.” Ngokuya kwesikhathi, simana sime ukuthi “Yebo” kuloba yini ngaphandle kwalapho sizama ukudala isehlakalo sokuzilibazisa ingqondo siziba umumo weqiniso, okufana lokuhaga ukudla esiziduduza ngakho.

Uphenyo oluthile lubeza ukuthi umntwana uzwa ibala elithi *hatshi* kumbe *ungenzi* izikhathi ezedlula 148,000 lapho esakhula, kulinganiswa lembiko ka *yebo* ezinkulungwane ezimbalwa.⁴

Budebudeze ngiphathe umhlangano wethu wonyaka othiwa *Provision* (Ukusilelwa), kumbukiso ngafaka i*Ferrari* ka 2017, imota yokulangazelela uqobo. Umnikazi wayo imota le ukhonza kubandla lethu njalo wayihlawulela ngemali ebambekayo, engafika eduzane le\$400,000. Amalunga omhlangano ayethi nxa engena, ayeyibuka ayithi nhlo imota le, bonke beyikhangela, befisa ukuyibukela eduze. Noma bonke babeyibuka imota, umcijo engangiwenza kwakungasikho kukhuthaza impilo yemigomo yezinto ezibambekayo, kodwa, ngangidinga ukubafundisa isifundo. Bonke abantu babuthana kuyo imota betsho lokutsho ukuthi bayafisa ukuyitshayela.

Ngangisazi ukuthi ukuqeqetshwa kuka “hatshi” okwalo umhlaba wesithuko sokusebenza gadalala ngezithukuthuku wawumemeza kusazela sabo usithi, “HATSHI, awusoze waba lemota enjengaleyi! Hatshi, wawungeke wanelise ukuyikhokhela leyo; ungalokothi ukucabange.” Ngenxa yoqeqetsho luka “HATSHI” abalutholayo, sonke esalutholayo, inengi labo lapho alikaze likucabange ukuba ngumnini we*Ferrari* ngoba umnakano kahatshi kawukuboni njalo kawukwamukeli. Kungenani, ngabe ngaqhubeka ngiguqula imota ngehola linye, kusuka kwezibiza inani elikhulu kusiya kwezibiza inani elincane, ngokuya, embukisweni ngangizakuba lemota ababengacabanga bathi, “Ngiyayithanda imota leyana kumele ngiyithenge lami.”

Umehluko wawungaphi? Konke kwakuphathelane lokuthi bona babezibuka njani, ukwanelisa kwabo, lentengo yemota. Yebo, babengabe bekhona abalutshwane ababengathi, “Ngizakuba layo imota enje ngelinye ilanga,” kumbe babekhona ababelayo

imali bebuka imota le enye indlela. Kodwa ngileqiniso ukuthi kumphakathi, imota enjengaleyi yayingekho kuzinga leminakano yabo. Unozigidi owahlawulela imota leyi ngemali ebambekayo ulamaFerrari ayisithupha. Kowakhe umqondo, yimota enhle nje. Wathi eyibona imota leyi, waba lombono wokuba ngumnini wayo waseqhubeka wayihlawulela ukuthi isuke e-Italy, ithwalwe ize ekhaya e-U.S. Akubanga nzima ukuthi afeze umbono wakhe ngoba wayelakho ukwabelwa. Nansi isihluthulelo esimqoka sokuphumula —ukwabelwa (*provision*) kuqhuba umbono (*pro-vision*).

Isihluthulelo Esimqoka:

Ukwabelwa Kuqhuba Umbono

Kungekho ukwabelwa akula mbono; kuba lokuziphilisa kuphela. Indlela yokuphila emhlabeni oqalekiswa ngobuyanga seyasintshontshela amaphupho lekusasa lethu. Ngizazi ukuthi iFerrari yaba yisibonelo esinzima kakhulu kodwa yenza umcijo wami wazwela. Abantu ababelapho abazivumelanga ukuthi baphuphe belemota enjengaleyana ababeyibuka bethi ayifumaneki. Nxa babengazibona besiba layo noma okomzuzwana nje, isiqeqesho somhlaba othukiweyo sasizamemeza sithi, “Ukutshaphaza imali okungaka!” Kodwa ke ngabe wawulezigidigidi zamadola angamatshumi amabili lanhlani ezibambekayo kusiphala sakho sebhanga (ngenza isibonelo ngomcijo lo)? Leya mota yayizakhanya ilentengo ephansi kakhulu okokuthi wawuzathenga eyodwa eyokusebenzisa ngempelaviki kuphela. Ludaba lombono nje kuphela, njengoba iLizwi likaNkulunkulu lisitsho sonke ukuthi isithembiso sikaNkulunkulu singu,

“Yebo” lo “Ameni (akube njalo),” umbono wakho sokumele uguquke uqale ukucabanga ngendlela uNkulunkulu acabanga ngayo.

Ngoba lanxa zizinengi kangakanani izithembiso uNkulunkulu azenzileyo zingu “Yebo” kuKhristu. Ngakho ngaye ibizo elithi “Ameni” litshiwo yithi sidumisa uNkulunkulu.

— 2 KwabaseKhorinte 1:20

Nxa kusetshenziswa isichazamazwi, ingcazelo yomqondo ithi: indlela yokwamukela ethile mayelana kumbe indlela yokuphatha ulutho oluthile; indlela yokubona umcijo, isimo sokwamukela, isakhiwo sokukhomba inkulumo, kumbe ukuhumutsha. Ngamafitshane, umqondo yindlela ocabanga ngayo ngolutho.

Nansi into engifuna ucabange ngayo. U-Adamu wayeyinkosana engakazinikeli kuSathane. Ngabe wambona ngemva kokuwa lokhuya, wawuzazibonela indoda ehawulayo elemuli ehlulukelweyo (uKhayini, indodana yakhe, yabulala umfowabo, u-Abela), wawungeke umnike ithuba lokuba ngumuntu njalo. Kodwa owawungeke ukubone yikuthi wayelegazi lesikhosini emithanjeni yakhe. Noma wawungamboni ekulelo banga, wayevele wadalelwa ukuthetha lokubusa empilweni yakhe. Iqiniso leli elifanayo lithinta lawe njalo. Awungeke uzikhangele uziqathe ngalapho ohlala khona, lokho olakho, ndawonye lomumo wempilo yakho khathesi, ubusushlulela ukwanelisa kwakho. Kumele ukhangele ukwanelisa owadalwa ulakho.

Ngisakhumbula ngisedlula ebunzimeni obuthile, ngangibhekane lendaba ezinzima ezazikhanya zizinkulu kulami. Ngasengibhekane lokwenza ukhetho olwaluzathatha imali enengi ukwedlula leyo engangilayo esandleni. Ngangisizwa sengathi ngangizwisisa ukuthi

uNkulunkulu wayesithini kimi, kodwa ngangilokwesaba okuncane ukuthi ngiyeqele kikho. INkosi yangipha iphupho ngaleso sikhathi. Ngangigibele ibhiza siphezu kwentaba. Ngithwele inkemba esandleni sami. Phansi kwami

ngale kwakukhona amakhulu, nxa kungasizo nkulungwane, zamabutho esitha ezilamabhiza lazo zithwele inkemba zikhombe mina. Ngangingedwa phezu kwaleya ntaba ngikhulelwa ngamanani. Ilizwi lezwakala kimi

**UMBONO WAKHO
SOKUMELE UGUQUE
UQALE UKUCABANGA
NGENDLELA UNKULUNKULU
ACABANGA NGAYO.**

kuleliphupho latsho amazwi lawa, “Ungazeyisi wena, Gary!” Lapho ke, ngaphakamisa inkemba yami ngaqolotshisa ibhiza lami lisehla uqaqa ngiqonde kuso isitha, singibona ngihlasela, laso sasihlasela siqansa uqaqa siqonde kimi siphakamise inkemba. Ngathi ngiqolotsha ngiqonda kubo, ngamemeza ngathi, “*THOR!*”

Ngathi ngivuka, ngabakwazi ukuthi yiNkosi eyayikhuluma lami ingikhuthaza, Kodwa ngangingakwazi ukuthi ibala elithi *Thor* lalisitshoni. Kukhona indoda ebandleni lethu osefundise okweminyaka eyedlula engamatshumi amathathu njalo sowafunda indimi ezinengi. Ngambuza ukuthi kambe leli bala lalisitshoni wangithembisa ukuthi uzalihlolisisa. Wangitshayela ucingo ngelanga elilandelayo wathi ukuthi Thor kutsho ukuthi indodana yomdumo wezulu. Ngambonga kodwa ngangimangele ukuthi iNkosi yayingitshelani. Kuso isitha, ngizwakala ngingumdumo wezulu! Ngaphandle kokuba mina ngitshale uSathane ukuthi ngibuthakathaka, nxa ngikhuluma kuzwakala umdumo wezulu (amandla) kuye.

Ngangitshumayela kuMhlangano wethuwo Kwabelwa ngo-2010 ngale indaba. Ngathi ngisalandisa ngale indaba, ngacina ngalokho

iNkosi eyangitshela khona ephutsheni, “Nxa isitha sikubona usiza, Gary, uzwakala njengomdumo wezulu. Ngenkathi ngisithi, “Kuzwakala njengomdumo wezulu,” kwabakhona ukusakaza komdumo wezulu okwazwakala emkhathini. Kwakungela zulu, kwakungazange kube lomunye umdumo mandulo, njalo yikho kodwa ukusakaza komdumo wezulu okwazwakala ngalobobusuku. Abantu ababekule indawo ngalobo busuku behlelwa yikwethuka. Kodwa akekho owaba lokujabula njengami, ngoba ngangisazi ukuthi yiNkosi eyayifaka, u “AMENI” Wayo kulokho engangikutsho ngoba kwakuthinta umuntu wonke ongumntwana Wayo. Ngingakalibali, ama-*camera* kamabonakude ayethatha ngalobobusuku, nxa ungafisa ukubona ukuthi umcimbi lo wawunjani sungalandela i-*link* leyi: <https://youtu.be/rtx1XYJGIAg>.

Ngakho nansi isifundo okumele usizwisise.

Izigqili aziphuphi amaphupho amakhulu!

Izigqili ziphuphani? Ukuma, yikho lokho. Ziphupha ngehola lika 5:00 zilokhe zikhangele inkombalanga zazo kungxenye yesibili yelanga, sezifuna ukuma zisuke emsebenzini. Ziphupha ukuthatha ikhefu, ziphupho ukuthatha umhlala phansi, ziphupha ukuba lemali ukuze zime. Izigqili ziphupha ukuma, hatshi ukudala omunye umsebenzi! Umqondo kumbe umnakano wesigqili awusunguli kumbe ukudala umsebenzi; udinga indlela yokuziba umsebenzi. Isigqili siyakhulelwa njalo asiboni ukwaneliswa okudlula phambi kwaso nsukuzonke.

Ukuba yinhloko hatshi umsila, umqondo wakho kumele uguquke kusuka ekubeni yisigqili usiya ekubeni ngumnini kumbe umdali. Kumele uqale ukuphupha njalo futhi. Kumele

uqale ukubona phetsheya kwalokho oyikho khona, ngoba noma ungakhanya ubuthakathaka emehlweni akho, uSathane uzwa umdumo wezulu. Ulalo igazi lesikhosini emithanjeni yakho, wena kudingeka ukuba ucabange njalo uphile ngaleyo ndlela.

Ngilomunye umngane wami ongunozigidi. Ungumnini wezindlu ezinengi ezinhle, zonke zisemakhunjini olwandle lamadamu amakhulu. Kwelinye ilanga ngathi ngimvakatshela, sasihamba ekhunjini eligcwele izikepe. Sasithi nxa sisedlula sinye ngasinye, wayengitshela umnikazi waso. Ngizakunika isiboneleo sokuthi ingxoxo leyi yaqhutshwa njani, kodwa ngizasebenzisa amabizo okuzibumbela, ngoba ayiwo angisawakhumbuli. Ngakho ingxoxo lomngane wami yayizwakala kanje: “Isikepe lesi ngesika Billy Smith, umnini we *Ohio Medical Services*. Isikepe lesi esilandelayo ngesika John Rogers, ungumnini we-Rogers and Rogers, ihlanganiso yamagqwetha. Isikepe lesi esilandelayo ngesika Ralph Tidewell, ungumnini wesitolo esihle sezicathulo ku-*High Street*.”

Sisaqhubeka sihamba ngomzila wezikepe, lapho sesedlule ezingaba ngamatshumi amabili, ngananzelela ukuthi sinye lasinye umnikazi waso wayengumnini wamabhizimusi. Asikho isikepe esisodwa esasingesomuntu makhaza nje oyisisebenzi kusukela kuhola lesificamunwemunye kusiya kwelesihlanu evinkilini le-*ice-cream*. Nanku, angimelani lokusebenza evinkilini le-*ice-cream* njalo angimelani lokuba ngoqhatshiweyo, asithi kanenginengi nje. Lapha nginika isibonelo sabantu abalenothisho.

Ngicela ulalelisise engikutshoyo lapha. Akusiyo ndaba yokuthi balemali enganani; yindaba yomqondo abalawo. Inhlwa ayibanjwa ngekhanda. Inengi labantu selingathi, “Ngiyafisa ukuba lemali engaka.” Okumele bakutsho yikuthi “Ngiyafisa ukucabanga ngendlela abacabanga ngayo!” Balombono owahlukileyo ngempilo zabo uqobo.

Inengi lezimuli azikaze zithole iholo okungathiwa liholo elinengi. Uphenyo olwenziwe budebuduze luveze ukuthi 51% yezisebenzi zase-America zihola inani elingaphansi kwe \$30,000 ngomnyaka.⁵ Inani eliphezu kwengxenye yesigidi lenza imali engaphansi kwe \$30,000 ngomnyaka?! Nxa useseleminyaka ephose ibengamatshumi amabili usanda kuqala njalo usendaweni okhethe ukuba kuyo, imali kungasiyonto emqoka kuwe kuhle ke kunjalo, kodwa ngiyazi ukuthi akunjalo kungxenye yesizwe sethu. Ngiyazi balesidingo semali engezelelweyo. Ungethembe, sengavakatshela izinkulungwane lezinkulungwane zemizi kuminyaka engamatshumi amathathu lasithupha ngisebenza kunhlanganiso zezimali, sengazi-bonela mathupha.

Ngakho kungani bengelalo iholo elingcono? Ungakaqali ukume-meza ukuthi impilo inzima kangakanani lokuthi wena waba ngokhubaziweyo kumbe omunye umsangano nje, ngizakutshela ukuthi kungenxa yezizatho ezimbili. Okwakuqala, bavinjezelwe phansi kwendlela yesiqalekiso somhlaba esobumpofu njalo kabawazi uMbuso kaNkulunkulu lezimiso Zakhe zokwabelwa. Okwesibili, balendlela yokucabanga embi enukayo, evela kusiqeqetsho sesiqalekiso abasifumanayo, njalo kabayiboni indlela yokuphuma kiso, noma nje yona ibabheke emehlweni. Ngamafitshane, izigqili zilomqondo wezigqili, njengoba bengisitsho. Kabawaboni amathuba nxa sebedinga ukuphumula. Asibhekane leqiniso lapha; nxa kungela mpedulo ecacayo, abantu badela inhliziyi.

Kahle ngikunike isibonelo engingasisebenzisa ekufundiseni. Kasithi ngike ngakutshela ukuthi ngiyanelisa ukususa zonke inhlupho zakho zemali ngomutsho owodwa nje kuphela. Thatha usiba lephepha lakho ulungiselele ngoba ngilesiqiniseko sokuthi le yimpendulo yakho. Sulungele na? Kuhle ke, nansi: zenzele iholo

elifika izigidi zamadola amahlanu lonyaka. Nxa ngingatsho lokhu ngisesiguqweni, abantu bamana bahleke. Kodwa kungani behleka? Ngoba kabaziboni besenza inani leholo elingaka, futhi kabaku-bangi ukuthi kungenzakala ukuthi bona benze izigidi zamadola amahlanu ngomnyaka.

Ngihle ngibatshela ukuthi abangeke bafumane lokho abangaku-boniyo. Besengiphinda futhi isibonelo lesi, kodwa khathesi sengisehlisa inani: \$200,000, \$100,000, \$70,000, kumbe \$40,000 ngomnyaka. Ngokuya kwesikhathi, ngiyabazisa ukuthi, “Ngizazengifike kunani lapho elizakuthi, “Kuhle ke, kulula. Lokho ngiyakwanelisa.”

Umnwabo wazonda kakhulu wala ukungena ngekhaya. Uyise wasephuma esiya kuye ukuyamncenga. Kodwa waphendula uyise wathi, “Khangela! Iminyaka yonke le bengikusebenzela kanzima njalo kangizange ngeqe imilayo yakho. Kodwa kawuzange ungiphe lokulizinyane kodwa lokhu ukuthi lami kengithokoze labangane bami. Kodwa lokhu kuthi nxa indodana yakho le esitshaye yathintitha inotho yakho lezifebe, isibuyile ekhaya uyihlabele ithole elinonisiweyo!”

“Ndodana yami,” uyise watsho, “uhlezi ulami sonke isikhathi njalo konke engilakho ngokwakho. Kodwa bekufanele sithokoze sijabule ngoba umfowenu lo wayesefile, manje usephila njalo; ubelablekile kodwa usefunyenwe.”

Indodana endala ithi kuminyaka yonke le yona ibikade isebenzela ubaba, kodwa isikhathi sonke lesi ubaba akazange amnikeze ngitsho lezinyane ukuba akholise labangane bakhe. Kahle ngichasisa lokho akutshoyo. “Baba, kawulabo ubulungiswa!” Kodwa nanzelela ukuthi ubaba uthini kuye. “Uhlezi ulami sonke isikhathi, njalo KONKE ENGILAKHO ngokwakho.”

Mana!!!!

Khathesi, usukwazi ukuthi indodana endala ngubani na? Indodana endala ibikade isebenzela ubaba ilomqondo ongayisiwo owokuzingcwelisa ukuze ikholise ukulunga kukababa. Konke okukababa bekungokwayo isikhathi sonke lesi. Uqondile, indodana endala imela umthetho

**USATHANE AKAFUNI
UBEKWAZI UKUTHI
UNKULUNKULU WETHU
UMKHULU OKUNGAKANANI
KUMBE UZAZI UKUTHI
WENA UNGUBANI.**

wesivumelwano sakuqala. Indodana yakuqala yayingeke ikholise inzuzo yendlu kayise ngoba yayilokhu imatasa isebenzela ukuthandwa ngubaba. Noma indodana endala yayilelungelo lesabelo esiphindwe kabili, yindodana encane eyasikhwabithayo.

Wena uyindodana encinyane!

Ulaso isabelo esiphindwe kabili. Wena uyindodana eyamukelwa hatshi ngenxa yalokho ekwenzayo kodwa ngenxa yokuthi ungubani kuKhristu—indodana kumbe indodakazi kaNkulunkulu, ekholisa inotho engazange iyisebenzele kodwa eyiphiwe mahala nguBaba.

ISAHLUKO 9

OKWEDLULA OKWANELEYO

Ngiyazwisisa ukuthi ungabe ulensolo ngesihloko salesi sahluko, Kodwa ke kulapho osuqonda khona, kokwedlula okwaneleyo. Hatshi ngoba ngikutshengisa indlela entsha, njalo esahlabusa eyokwenza imali lula kodwa ngenxa yokuthi njengomntwana kaNkulunkulu kulilungelo lakho ukukholisa ubuhle lempumelelo yendlu kaYihlo. Umcabango wesabelo esiphindwe kabili, ukuthola ukwedlula okwaneleyo, usungakhanya unzima ukufumana khathesi ngoba uqathanisa lalapho okhona khathesi empilweni. Kodwa ke kulapha okumele uqale khona uhambo lokuya kumpumelelo—ekucabangeni kwakho.

**UMCABANGO WESABELO
ESIPHINDWE KABILI,
UKUTHOLA UKWEDLULA
OKWANELEYO,
USUNGAKHANYA UNZIMA
UKUFUMANA KHATHESI
NGOBA UQATHANISA
LALAPHO OKHONA
KHATHESI EMPILWENI.
KODWA KE KULAPHA
OKUMELE UQALE KHONA
UHAMBO LOKUYA
KUMPUMELELO—
EKUCABANGENI KWAKHO.**

Ngaphandle kokuba imicabango yakho isekelane leLizwi likaNkulunkulu, awusoze ukholise inzuzo Zakhe. Ngakho ke phakamisa amehlo akho asuke kulokhu okukugombolozelayo uwase kulokhu uNkulunkulu athi kungokwakho eMbusweni Wakhe. Mana ukuphikisana lalokho uNkulunkulu akutshoyo ngoba wena ungakakuboni empilweni yakho. Endaweni yalokhu, qala ukuphikisana lomumo wakho ngeLizwi likaNkulunkulu, ukholwa ukuthi kumele usekelane lakho konke uNkulunkulu athi kungokwakho. Mina ngingumuntu nje owayenza lokho engikutshela ukuthi ukwenze. Kholwa ukuthi uNkulunkulu uthini! ILizwi likaNkulunkulu kalehluleki njalo liyadala inguquko kumumo wonke. Njengesibonelo, nansi i-*email* engayithola komunye umlaleli owayelensolo, wayesekuzwile konke, kumbe wayecabanga njalo?

“Ngizazama ukufaka iminyaka engamatshumi amabili lambili yokudubeka kumitsho le emilutshwane eyanelayo. Mina lomyeni wami sonke sakhulela emulini zesiKhristu sisiya enkonzweni sikhathi sonke. Sasiphathisa kwezabatsha, izifundo zabancane i-*Sunday School*, njalo njalo. Kwathi lapho sitshada, umnyaka wethu waba muhle ezimalini ... sokuyiminyaka engamatshumi amabili lambili eyedlulayo. Kusukela lapho, “into yemali” yabangumthombo wobuhlungu lokukukhathazeka, ukholo lwami lwaseluhlala luzamazamiswa ngoba ngangingakuzwisisi ukuthi kungani lokho iMibhalo eyayikutsho kwakungenzakali. Nxa iLizwi likaNkulunkulu lalimi okunaphakade njalo lingatshabalali njalo Yena eNguye izolo, lamuhla laphakade, pho kwenzakalani? Mhlawumbe Yena usengumuyi, usomangase kumbe isiwula!

“Asedlulele kumhlaka 28 Zibandlela, 2013 ... Ngatshela umyeni wami, ‘UNkulunkulu kazibonakalise kumbe mina ngizihambe.’... Ngasengikhathele ngenkonzo laye uNkulunkulu.

Ngathi ngiphuma endlini ukuyayenza imisebenzi embalwa, umyeni wami wazehlisa kufuqo lukaMoya oNgcwele wabiza omunye umngane wethu ukuthi baxoxe. Wathi eseqedile, umngane wethu wathi ulakho afisa sikulalele—uGary Keese. Wasabela ubufakazi balokho okwakwenzakale kuye. Ngakho, ngathi ngifika endlini umyeni wami wangitshela ukuthi umngane wayetheni lokuthi wayezakuya mbona ngosuku olulandelayo ayethatha.

Angikwazi ukuthi kuyini okwayenzakalayo (ngoba ngasengidiniwe ngokuzwa ngabafundisi lababalisi “bezinto zikamoya”), kodwa ngamtshayela ucingo, ngabuza ukuthi sasingamthola yini ngaleyo ntambama. Phakathi kobusuku obabulongqwaqwane, nganelisa ukuyafika endlini yakhe. Ngathi ngisatshayela ngamtshela uNkulunkulu ukuthi, ‘Kumele kube yikho lokhu!’

“Ngosuku olulandelayo, saqalisa ukulalela, sobabili sakhulelwa. Konke kwaqala ukuzwisiseka. Indima zonke leziyana: ukukholwa, ukubambelela ngamandla kubufakazi bakho. Zonke incezu zelibho zaqala ukuhlangana. KODWA akekho owayeyenze umzamo wokufundisa INDLELA ... yokufika lapho esasingathi ‘SESIKU-FUMENE!’ Wena wakwenza.

“Ngakho ngokutshetsha, saqala ukusebenzisa lokho esasikufundile ... sasidinga imali yesikwelede sendlu. Kwakungolwesine, umyeni wami wayeseqede ukwenza imisebenzi emzini wabazali bami ... bona babelokhe bebuza ukuthi kwakumele bamnike malini umyeni wami (phela babesazi ukuthi isimo sasisibi). Ngaphendula ngathi, ‘Noma yini ababeyanelisa.’ Yayinganeli ukuhlawulela inhlawulo yendlu ... KODWA ke kwakulokhe kungoLwesine.

“NgoLwesihlanu sasihlele ukuyahlangana lomngane loyana owayesinike amadlalade e-*CD* okuyalalela. Kwakulesiqhotho

sikangqwaqwane esikhulu, kodwa mina lomkami sobabili sasifisa ukuhlala phansi sikhulume laye ngoMbuso lokuthi usebenza njani.

“Singakasukumi, wayefisa sithandaze, wasesiqhubela incwadi yemali okuthiwa yi-*check* ... iNkosi yayimfuqile ukuthi atshale empilweni zethu. Lokhu kwasiqeda amandla onke sibili. Sasesivula i-*check* leyana ... YAYISEDULULA OKWANELAYO ukuthi sihlawulele inhlawulo yendlu lezinye indleko ezincane!

“Ngatshela umkami ukuthi yikho kodwa engangikudinga! Ngathatha umfanekiso we-*check* ukuze ibeyibufakazi bokwet-hembeka Kwakhe. Yebo, isitha kasikuthandanga esakubonayo lapho njalo masinyane (ndoda, ngithi kwaba masinyane nje!!!!) wazama ukuyintshontsha imbewu yethu. Sasiyenze ukhetho lokuthi leli yilo iqiniso, njalo sasingasoze sikhulume noma yini engaphazamisa ikusasa lethu. Yena wayengakhathali ... kodwa saqhubeka sijonge lapho esiya khona siphathe ihawu.

“(Khathesi ngingakaqhubekeli phambili, ngifisa ubekwazi ukuthi ngangingulowo oqhamuka e-Italy olenkani owayesekhathele ‘ngemfundiso zempumelelo’ engasengizizwile ... njalo lomyeni wami wayekwazi lokho. Isimanga esikhulu yikuthi ngangikubambisisile ngabambelela kukho ... kwesinye isikhathi umyeni wami uyangikhangela emangala ukuthi kambe kuyini okwayenzakala kimi!

“Sakhulula ukholo lwethu satshala ukuze sithole isinqumo somsebenzi wenhlanganiso yethu yokwakha ngo 3/13 sisenzela isivumelwano somsebenzi esasizaletha i-\$150,000 ukuze sihlawulele indleko, imithelo lokunye okunjalo. Ngo Mabasa 5/13, sayamukela izivumelwano zomsebenzi ezimbili ezifika \$450,000 NGOSUKU OLULODWA!!!! Lokhu kwenzakala ngemva kwenyanga ezimbili siqale ukusebenzisa izimiso zoMbuso.

“Safundisa labantwana bethu labo bazibonela ukuthi ‘sesikufumene.’ Khathesi, sebazenzela uluhlu lwabo sebetshala kuma-*piggy bank* abo ukuze betshale kulokho abakufisayo. Silezindima kukamelo lonke, ingane yethu eleminyaka emihlanu ifika kizo ithi, ‘Ngiyakukholwa ngokunjalo sengikwamukele.’

“Silokubonga okukhulu ukuthi sesilemali eyanela ukuthi sinikele lokuthi mihla lemhla sesisondele ekuqedeni izikweledi zethu lokuthi sanelise ukufeza imisebenzi esiyibekelweyo!

“Ngiyabonga, Mfundisi uGary, ngokuthatha isikhathi sokuphendula ama-*email* engakuthumela wona. Siyakuzwisisa ukuthi isikhathi sakho kasaneli, ngakho iqiniso lokuthi wathatha isikhathi sokwenza lokhu likhomba isilinganiso sesifiso sakho sokwabelana umbiko lowu omangalisayo owoMbuso kaNkulunkulu omkhulu.”

Ngamukela ama-*email* afana lale mihla yonke. Abantu abafana lami lawe sebelithola iqiniso lokuthi bangobani kuKhristu, befunda ukuthi uMbuso usebenza njani, besebezikholisela inzuzo zakhona. Ngakho mina loDrenda sasithola njani isimiso lesi sesabelo esiphindwe kabili? Ngizakutshela kulesi isahluko wena uzathola ukukhuthazwa zindaba zethu.

Lapho mina loDrenda siqala ukufunda imithetho lezimiso ezivela kuMbuso kaNkulunkulu, kwaba lontshintsho olukhulu empilweni zethu, njengoba ngikutshelile kusigaba sakuqala salolugwalo, sasuka ekuphileni ngokutholakele mhlalokho, ukuqaleka ngokudangala, imithi eyelapha ukudangala, lokusweleka kwethemba okukhulu saya kunjongo lokwabelwa. Sabona izinto zisenzakala ngokuphindaphindwa okukhulu okwasenza sithi, “Ukubonile na lokhuyana? Habe!” Sasiqhubeka sibona umbuso kaNkulunkulu usebenza ngendlela ebekwa ngayo liBhayibhili sibuye sibuzo

imibuzo, “Lokhu kwenzakale njani njalo ngasizatho bani? Kumbe “Sithaphe kusiphi isimiso lapha?” Noma sasikholisa okwedlula okwaneleyo, sasingasiboni isabelo esiphindwe kabili ngendlela emgceke efana lale ekundaba engizakutshela zona. Sasikholisa isabelo esiphindwe kabili, kungenani, sasingakwazi ukubiza lokho esasikubona sithi yisabelo esiphindwe kabili kodwa uNkulunkulu waqhubeka esengezelela ukuzwisisa kwethu. Ngingakachasisi ukuthi uNkulunkulu wasisiza njani ukuthi sizwisise isabelo esiphindwe kabili ngendlela ebalulekileyo, ngithanda ukuhlola uMbhalo wethu omqoka okomzuzwana nje. (Amazwi aphakathi kwezihanqo ngawami, awasiyo ngxenye yoMbhalo wakuqala.)

Ngakho, kulokhu, kukhona ukuphumula kweSabatha kwabantu bakaNkulunkulu. Ngoba loba ngubani ongena ekuphumuleni kukaNkulunkulu [ukholo] uyaphumula lakowakhe umsebenzi [isiqalekiso somhlaba esokusebenza gadalala, ngezithukuthuku, lokuziphilisa] njengokwenziwa nguNkulunkulu kowakhe [ngoba Yena wayeseqedile].

— KumaHebheru 4:9-10

Okwamanje ususazi ukuthi ukuphumula lokhu kweSabatha kuyisethembiso salolonke ikholwa lika Khristu kuThestamende eNtsha futhi akusiyonto yeThestamende eNdala. Usukwazi njalo ukuthi iSabatha alenzeki nxa ungelakho okwedlula okwaneleyo, njengoba sibonile kuEksodusi 16, isabelo esiphindwe kabili. Ngicela ungaxubanisi ukuhamba kusabelo esiphindwe kabili sengathi kutsho ukuhlala ulemali enengi engelamsebenzi ilindele lapho uNkulunkulu esekuthume ukuyayenza umsebenzi othile.

Sokube lezikhathi empilweni yami lapho uJesu angitshela khona

ukuba ngithuthukise umsebenzi kodwa ngingalayo imali ebhanga. Ngananzelela muva ukuba uNkulunkulu yena akazange esabe ukuthi imali izavela ngaphi. Akazange akuvumele lokho ukuthi kwenzakale, hlezi isitha sesingazama ukuthi sintshonsthe isikhathi singakeneli. Kahle ngikucebise, kumele wenze ukhetho lokuya phambili kusimo esinje nxa ulesiqiniseko sokuthi uMoya oNgcwele usethe ukwenze. Phindenjalo, ngaphandle kokuba uJesu ekutshelile ukuthi uqhubekele ngohlelo ungelamali, ungalokothi uzame ukuluqhuba. Linda kuze kubelapho isikhathi kanye lokwabela kukaNkulunkulu sokwanele.

Singakubeka lula, thina amakholwa sibizelwe ukuthi siphile ekuphuphumeni kwezezimali okuvela empilweni zethu. Kasisizo ziphepheli kodwa singabaphayo ngezikhathi zonke njengalokho uBaba wethu ayikho. Lalela, ukuthi uNkulunkulu ukutshengise okuthile akutsho ukuthi sokuyisikhathi sokuqala ukuhamba. Kanengi ukutshengisa ulutho ukuze akuqondise indlela njalo lokukunika isikhathi sokulungiselela. Ngolwazi lwami, ukukhetha isikhathi esifaneleyo, kuqakatheke njengokuthola umlayezo wokuqondiswa indlela.

Lapho uJesu eqala inkonzo Yakhe edolobheni lasekhaya Lakhe, ngemva kokuba esebhaphathiziwe emfuleni uJoridane nguJohane umbhaphathizi langemva kwensuku lobusuku obuyi 40 esenhlane. Waqonda esinagogwini lakibo wadobha umbhalo wavula ku-Isaya isahluko samatshumi ayisithupha lanye waseqala ukubala. Sithola isehlakalo lesi silotshiwe ku Lukha 4:18-21.

UMoya kaThixo uphezu kwami, ngoba uThixo ungicobile ukuba ngitshumayele izindaba ezinhle kwabampofu. Ungithumile ukuba ngimemezele ukukhululwa

kwabathunjiweyo lokusiliswa kweziphofu ukuthi zibone, ukukhululwa kwabancindezelweyo, lokumemezela umnyaka womusa kaThixo.

Wasewugoga, wawubuyisela esikhonzini sebandla, wahlala phansi. Amehlo abo bonke esinagogweni athi nhlo kuye, waseqalisa ngokuthi kubo, “Lamhla umbhalo usugcwalisekile lizizwela.”

Limqotho, bamthukuthelela ukuthi Yena wayezikhomba ethi umbhalo lo utsho Yena. Kodwa ngifuna ujonge lapho uJesu acina khona ukubala. Indima yakuqala usiya kweyesibili ku-Isaya 61 ithi,

Ungithumile ukuba ngibophe inhliziyi ezidabukileyo, ngimemezele ukukhululwa kwabathunjiweyo, lokukhululwa kwezibotshwa emnyameni, lokumemezela umnyaka womusa kaThixo, losuku lokuphindisela kukaNkulunkulu wethu.

Nanelela ukuthi uJesu wama phakathi laphakathi komutsho. Akazange abale ukuthi, “losuku lokuphindisela kukaNkulunkulu wethu.” Ngenxayani? Ngoba wayefuna ukuma kusiga sakuqala somutsho, “umnyaka womusa kaThixo.” Uyini na umnyaka womusa kaThixo? NguMnyaka weJubhili! UJesu wayebonisa ukuthi konke lokhuya okwakulithunzi loSuku lweSabatha, uMnyaka weSabatha, loMnyaka weJubhili kwasekugcwaliswa ngoba Yena wayesebuyile. Sonke isahluko sika-Isaya 61 sisitshela ngalokho uJesu asenzela khona. Mayelana lasabelo esiphindwe kabili, khangela isahluko sesikhombisa usiya kwesesificamunwemunye.

Esikhundleni sehlazo labo abantu bami bazaphiwa isabelo esiphindwe kabili, njalo esikhundleni sokuyangeka bazathokoza ngelifa labo; ngakho ilifa labo elizweni yisabelo

esiphindwe kabili lentokozo engapheliyo izakuba ngeyabo. Ngoba mina, uThixo, ngithanda ukulunga, ngizonda ubugebenga lobubi. Ngobuqotho bami ngizabanika umvuzo ngenze isivumelwano esingapheliyo labo. Izizukulwane zabo zizakwaziwa phakathi kwezizwe, lenzalo yabo yaziwe phakathi kwabantu. Bonke abababonayo bazavuma ukuthi bangabantu ababusiswe nguThixo.

— U-Isaya 61:7-9

Ngeqiniso ngiyakuzwisisa ukubalenhloni ngenxa yezindaba zezimali eziqeda amandla. Kanengi ngangizithola ngiyangeka lokucaphuka ngenxa yesimo sethu sezimali esasingamanga kuhle. Ngiyakhumbula kwesinye isikhathi ngangibuthanise abangane bethu abangamatshumi amabili kusidlo santamba kwelinye ikhefa esigabeni. Angisakhumbuli umcimbi esasiwuthakazelela, kodwa ngangivumile ukuhlawulela umcimbi wonke. Ngikhumbula ngingahlalisekanga phakathi komcimbi ngoba eqinisweni ngangingelayo imali yokwenza umcimbi ongaka. Imali engagikhangelele ukuyithola kusuka kumcimbi womsebenzi yayiphuze ukubuya. Ikhadi lebhanga elilodwa engangilalo laselingavalwanga cha kodwa laseleyiyeqe umkhawulo,

**UKUTHI UNKULUNKULU
UKUTSHENGISE
OKUTHILE AKUTSHO
UKUTHI SOKUYISIKHATHI
SOKUQALA
UKUHAMBA. KANENGI
UKUTSHENGISA ULUTHO
UKUZE AKUQONDISA
INDLELA NJALO
LOKUKUNIKA ISIKHATHI
SOKULUNGISELELA.**

kodwa ngangingazi ukuthi lalizavuma ukusebenza kanye kumbe hatshi. Eqinisweni, ekucineni komcimbi sesiqede isidlo ikhadi layaliwa. Kwasekumele ngicele ngokuzithoba okukhulu, ngokuy-angeka okunengi, ngacela omunye wezethekeleli zethu ukuthi ahlawulele umcimbi.

Oh, ngilazo indaba ezinengi ezinjengayonaleyi, kodwa angazi ukuthi ungabe ulezesula ezaneleyo ukuthi siqale ukuyathelana indaba ezinje ezikhalisayo. Kodwa asimbongeni uNkulunkulu, ngaye uJesu, bonke abasibonayo kuzafanele bavume ukuthi siyilabo ababusiswa yiNkosi ngempela!

Isabelo esiphindwe kabili esiphindwe kabili ngesakho, uJesu nguye ukuphumula kweSabatha, njalo Yena nguye isabelo sakho esiphindwe kabili! Ungabala eyinye yezingwalo ezedlulileyo, uzabakwazi ukuthi iNkosi seyangifundisa okunengi ngoMbuso isebenzisa ukuzingela impunzi. Eqinisweni, ukuzingela impunzi yiyo into yakuqala uNkulunkulu ayisebenzisa ukungikhanganga ngoMbuso. Ngasengizingele impunzi okweminyaka ethile kungela mpumelelo. Noma nje ngangifaka isikhathi lemali kumizamo yami yonke leyi, ngaphetha ngingela mpumelelo ngingelayo inyama. Nxa ngingakhuluma iqiniso, angizange ngijimbe kanye. Kwathi ngomunye umnyaka ngicabanga ngesigaba sokuzingela impunzi esasisiza, uNkulunkulu wakhuluma lami wathi, “Kungani ungangivumeli ngikusize ngokuzingela impunzi lezi lonyaka?!” Ngeqiniso, ngangingakwazi ukuthi lokho kutshoni, kodwa Yena wangitshela ukuthi ngilungise i-check njalo ngibhale phansi, “Ngisenzela impunzi yami enduna ka1987” ngiloba kusigaba sezikhumbuzo, ndawonye lenani elithile lemali, besengithumela kuleyonkonzo Yena ayezangitshela yona. Wabuye wangitshela ukuthi mina

loDrenda kwakumele sibeke izandla kuleyo *check* besesithabatha uMakho 11:24 lapho sikhuleka phezu kwayo.

UMakho 11:24 uthi,

*Ngakho ngiyalitshela ukuthi loba kuyini elikuce-
layo ngomkhuleko, kholwani ukuthi selikwamukele,
sekuzakuba ngokwenu.*

Ukuze sifinqe indaba, ngaqonda kwenye insimu engang-
ingayazi ngajimba impunzi ngemizuzu engamatshumi amane. Mina loDrenda sesilandele amanyathelo afanayo okweminyaka engamatshumi amathathu eyedluleyo, njalo sikhathi sonke ngijimba impunzi yami ngemizuzu engamatshumi amathathu kusiya kwamane mnyaka yonke kusukela laphana. Eminyakeni, sengabona uNkulunkulu esenza izimanga lapho ngizingela, senga-
funda imilayo embalwa ngawo uMbuso ngakho ukuzingela lokhu. (Izindaba zakuqala zonke lezi ziqukethwe kugwalo lwami oluthiwa *Faith Hunt*.)

Ngivame ukuthakazelela ukuzingela ngemicibitsholo ngesikhathi semibala ebomvu yasekwindla ngibuye ngizingele ngombhobho nxa sokugodola lapha e-Ohio. Inani elivunyelwayo lempunzi ongazizingela likhulu lapha e-Ohio, kungenani lomnyaka, inani elivunyelwayo zimpunzi ezinsikazi eziyisithupha ngomnyaka. Angikaze ngibe lesidingo sokuvuna impunzi ezinengi kangaka ukuze ngiphilise imulu yami. Ifriji yami ivame ukuba igcwele impunzi ezimbili kumbe ezintathu ngomnyaka. Ukuze wamukele kokhu engizakutshela khona, kumele wazi ukuthi lalapho ngizingela kuminyaka yonke leyi angikaze ngidubule impunzi

ezimbili ezisesikhundleni esisodwa ngekuseni kumbe intambama yinye. Kanje, nxa ungasuye mzingeli, yebo, sizingela simi phezu kwesinyathelo esisesihlahleni. Okwenzakalayo yikuthi, ngangithi ngingabulala impunzi, ngangiphuma egangeni besengiphenduka ngelinye ilanga ukuzothatha eyinye. Kodwa iNkosi yayifuna ukungifundisa okuthile ngalelilanga lokuzingela.

Kwakungelinye lamalanga amahle okuzingela ekwindla, kulamayezi ayembesileyo lomfefezo owawuthambisa umhlabathi lapha lalaphaya. Kwakuyintambama kungeSonto, ngasengikhathele ngemva kokukhokhela inkonzo ezimbalwa ngaleyo kuseni, ngangikhangelele ukuba segangeni. UDrenda wayephumile laye eyedobha okuthile emavinkilini, mina laye sasivumelene ukuthi kwakuyaba yibusuku obuhle bokufaka inyama yenyamazana efrijini. Ngasengigqoka ezokuyazingela ngibuthanisa izinto yena eqonda emoteni. Ngaphuma phandle laye eseqala ukuyisukumisa ephuma. Wathi eyisukumisa imota, wavula ifasiteli wathi kimi, “Isabelo esiphindiwe.” Angazi ukuthi kungani yena watsho njalo, noma muva wangitshela ukuthi wayezwe iNkosi imtshela lokho ngalesisikhathi wazizwa eholwa ukuba angitshela lokho.

Sasesitshale ukuthi sithole impunzi ezintathu ngalowo mnyaka, lolu kwakulusuku lwakuqala lokuzingela kulesi sigaba. Ngamqabula masinyane ngamtshela ukuthi lami ngivumelana laye, ngasengiphuma ngiqonda egangeni. Mina ngizingela emhlabeni ongowami, ngakho ngangisazi lapho engiyakhona. Ngathi ngigada esiqongweni sesihlahla, ngatshaya isabhoru sami kabili kathathu. Ngemva kwemizuzu elitshumi lanhlanu, inkalakatha elempondo ezingu 8 yavela iqolotsha, ngakhulula umtshoko ngisebangeni lama *yard* angu 40, impunzi yavela yawela phansi. Kwakumangalisa lokho! Ngehla ngaqonda kuyo impunzi, kodwa ngasengikhumbula ukuthi

uDreanda wayetheni, isabelo esiphindwe kabili, ngakho ngatshiya impunzi lapho eyayilele khona ngabuyela esihlahleni ngakhwela ngibuyela esiqongweni.

Ngacabanga ukuthi ngokwehla ngomdlandla engangikwenzile, ngihamba ngizula, lokuhamba ngibuyela esiqongweni ngikhwela ngisiyalinda, yeka uqhatshi engangilutshiyile, konke lokhu kwakuzakwenza kube nzima ngokwemvelo ukuthi ngijimbe ngemizuzu yokukhanya eyayisisele evumela ukuzingela. Kodwa ngemva kwemizuzu elitshumi lanhlanu ngisesihlahleni, okuyimpunzana kweza kuqonde kimi nta esihlahleni, mina ngakuwela ngomvutho omkhulu. Habe, imicibitsholo emibili lempunzi ezimbili zilandelana phambi kwesihlahla sinye. Ngangingakaze ngikwenze lokho. Lokhu kwangikhanga ngaba kwazi ukuthi yiso isabelo sami esiphindiweyo uDrenda ayekhulume ngaso.

Okweminyaka emihlanu eyalandelayo, ngaba lesehlakalo esifanayo. Sonke isikhathi ngingaphuma ngisiya zingela ngemitshoko, ngangithola impunzi ezimbili kusihlahla sinye ngemizuzu elandelayo. Ngangikwazi ukuthi lokhu kwakungajayelekanga, ngaqala ukujonga kuso isabelo esiphindwe kabili, nginanzelela ukuthi uNkulunkulu wayesephinda njalo ukungifundisa esinye isifundo soMbuso Wakhe.

Ngihleli ngiyithanda imbhubho, yebo, ngiyakuthanda ukuzingela. Ngilombuthaniso wami wembhubho engiyisebenzisa ekuzingeleni, ngangisuthiseka ngembhubho eyayingeyami. Mina loDrenda silomhlaba ongama *acre* angamatshumi ayisithupha kuwo kulama *acre* aliganga angamatshumi amabili lanhlanu lamanye ama *acre* alitshumi lanhlanu awamaxhaphozi.. Ngesikhathi sonke sekwindla, amaxhaphozi ayoma kumbe uwathole elamanzi, kusiya ngokuthi izulu line njani ehlobo.

Ngalowo mnyaka, sasibe lehlobo elalilezulu elinengi, ngakho ixhaphozi laligcwele amanzi lapho amadada asekwindla esiza. Kwakuhlala kusiba lamadada exhaphozini ngomnyaka lapho kusiba lezulu elinengi, kodwa ke ngangingakaze ngibe lendaba lawo. Kodwa ke ngalo umnyaka kwakulemihlambi emikhulu yamadada ayesiza lapha exhaphozini ngoba amanzi ayemanengi, ngakho ngahugeka. Noma ngangingakaze ngicabange ukuwazingela, nganakana kukuhle ukuthi kengiyazama ukuzingela amadada. Yebo, ukuzingela lokhu kwabamnandi. Kwakulamadada yonke indawo, thina saba lezidlo ngamadada ezimbalwa ngalowo mnyaka.

Ngizingela amadada ngalowo mnyaka, ngafumana ukuthi amanengi ayaqaleka nxa ungawadubula ukubanga lombhobho, lokhu kwakusenza kube lula ukudubula ukubanga elide. Ngangisebenzisa umbhobho wami wansukunzonke, umbhobho sebenza indawo yonke, engangiwusebenzisa ukuzingela imivundla lezikhwehle, kodwa nje njengoba amadada ayephaphela phansi, ngiyakhumbula ukuthi ngangizwe wombhobho omutsha owawudalelwe ukuzingela amadada kuphela. Wawenziwe ukuthi ufihlakale njalo usanelisa ukudubula inani elikhulu lamadada, njalo wawuvumela ukuthi udubule okwesikhathi eside. Ngiyakhumbula ngizitshele ukuthi kumele kengiyihlola leyo mibhobho kwesinye isikhathi.

Yebo, kwenzakala ukuthi ngangisesitolo sezemidlalo ngemva kokuphela kwesigaba samadada. Lapho engabona khona inqwaba yemibhobho eyayilotshwe ukuthi ngeyenyonini zemanzini, Ngazibuka okwesikhatshana, kodwa ngentengo ye \$2,000 leqiniso lokuthi ngangingasozengidinge omunye umbhobho okwenyanga ezilitshumi ezilandelayo lapho isigaba samadada sesiqala, ngakhetha ukuma ukuthenga. Kodwa ngingakacabangi, ngaphumusela ngimemeza, “Nkosi ngingafuna lowayana.” Angizange ngicabange ngakho

kakhulu lapho ngisaphuma esitolo, kodwa ngemva kwamaviki ambalwa ngangikhuluma emhlanganweni wokuthengiselana, hatshi owenkonzo, umhlangano wokuthengiselana. Ngemva kokukhuluma u-CEO wangibonga ngifundisa wasesithi, “Besifisa ukukubonga ngokuba yisikhulumi sale intambama ngesipho.” Ngatshaywa luvalo lapho esiza lombobho lowayana xathu engangi-wukhangele esitolo kumaviki ambalwa ayedlule. Amazwi ami athi, “Nkosi ngifuna lesiyana,” leqiniso lokuthi emuva nganginikeze imibhobho yikho okwaletha isivuno lesi.

Kugwalo lwakuqala lwesiqeqetsho lesi, *Inguquko Yezimali Zakho: Amandla Okuthembeka*, ngikhuluma ngesimiso esenza ukuthi umbhobho loyana uvele. Ngisibiza ngokuthi yisimiso sesikela, sona sitholakala kuMakho 4:26-29. Ngiyakukhuthaza ukuba uthole ugwalo lolu nxa wena ungakalubali. Ukuvela kombhobho kwaba yinto emangalisayo kimi, kodwa akusiyo indaba engifisa ukuyijonga lapha. Kodwa yona yasungula le esengifisa ukukuyathela yona.

Ngemva kokuvela kombhobho lowayana, ngananzelela ukuba ngangiqubule njani unyakazo lwesivuno, ngacabanga ngeminye imbhobho engangifisa ukuba layo. Phela, ngangitshale imibhobho ephetsheya kwetshumi, ngakho ngacabanga ukuthi kuhle ukulinga imithetho yoMbuso. Umbhobho engangingelawo ngothiwa yi-*over and under*. Wona ngumbhobho omuhle, kodwa intengo yawo iyabiza. Ngakho ngathi, “Nkosi ngifuna ukuba lawo umbhobho othiwa yi-*over and under*!”

Ngemva kwenyanga, ngayamukela ucingo luvela komunye umsize wenkonzo yethu, wathi yena ufisa ukungithengela umbhobho, i-*over and under*. Ngajabula kakhulu yena wathi uzawuthumeza ngeposo. Yebo, ngemva kwensuku ezimbalwa ngayamukela ama-*over and under* amabili eposo, kwakuhle bantu!

Nanzelela ukuthi ngayamukela imibhobho emibili. “Habe,” ngacabanga. Ngatshayela umsizi lowu ucingo ngambonga ngembhobho ayeyithumezele. Ngensuku ezimbalwa ezalandelayo wathumela eminye emibili. Ngathi ngimtshayela ucingo ngimbonga njalo, yena wathi, “Ngajabula kakhulu ukuthi wangifonela mathupha, ngakho ngabona kukuhle ukuthi ngikuthumele ezinye ezimbili.” Ngajabula kakhulukazi ngezipho lezi zombili, kodwa ngasengiqale ukubona umzila lapha. Izibhamu ezimbili sonke isikhathi? Kuzwakala sengathi yisabelo esiphindwe kabili.

Ngenyanga ezimbili ezedlulileyo, ngangifundisa kwelinye ibandla ekuseni ngizabuye ngiyefundisa kwelinye ibandla ngalobobusuku kulelo dolobha linye. Ngemva kwenkonzo yekuseni, indoda ethile yeza kimi yathi, “Ngizakuthumela umbhobho wohlobo lwe-*Browning semi-automatic* engilawo. Phindenjalo, ngajabula kakhulu. Okumngalisayo, yikuthi kunkonzo yantambama owesilisa wabuya kimi wathi, “Ngithenge umbhobho omutsha olokhe usebhokisini ngifuna ukukunika wona,” Wona wawumuhle, i*Marlin* 30/30, umbhobho engihlala ngiwukhwabitha kodwa angikaze ngibe lawo. Phindenjalo, ngamangala kodwa nganginanzelela—isabelo esiphindwe kabili.

Phindnjalo, kungelamaviki ambalwa ngemva kwesehlakalo leso, into efanayo yenzakala—nganikezwa imbhobho emibili ngosuku lunye ebusuku. Yebo, ngingafakaza ukuthi ngiyindoda ebusisiweyo elembhobho eminengi. Kodwa ngengodaba lonke engilukhulumayo, ngihleli ngibuza, “Kwenzakale njani lokhu?” Yebo phela, ngikutshelile ukuthi ngatshala imbhobho eminengi emuva le kodwa angizange ngithi, “Ngifuna lo onje, Nkosi,” kwaze kwaba lapho. Phindenjalo, ngasengizithaphela kusabelo esiphindwe kabili ngendlela ebalulekileyo esobala ngakho ngasengifuna ukwazi ukuthi

ngangikwenza njani lokho. Ngiyakholwa ukuthi iNkosi yangitshengisa ukuthi inengi lethu liyasikhutha lesi simiso esiqakathekileyo esokuvuna eMbusweni, ngakho ngizachitha isikhathi kusahluko esilandelayo ngikhuluma ngaleyo ndaba. Kodwa ngingakenzi njalo kumele ngabelane lawe ukuthi umnyaka wami waphetha njani.

Ngemva kokuba sengamukele imbhubho eposo, nansi indaba eyenzakala kimi—le ngenye indaba emangalisa kakhulukazi eyenzakala iphathelane lokubona isabelo esiphindwe kabili siziletha mgceke, kusobala, kungekho mibuzo ethandabuzayo, lesi yisibonelo sesabelo esiphindwe kabili. Indaba leyi iphathelane lezimota, ngokucaca umhlobo we-*Cadillac Escalade* emhlophe engayinikwayo njengoba ngitshilo kuzahluko ezedlulileyo.

Njengoba ngitshilo mandulo egwalweni, mina lo uDrenda asisibo bantu bezimota. Sivame ukuzitshayela zizezime ukusebenza kumbe sezingasabukeki.

Ngizaphinda njalo kule indaba, kumele ngifakaze ukuthi mina loDrenda sasesinikele imota ezinengi mandulo kodwa singazange sibeke isicelo esicacileyo sokukholwa kwethu siqamba lokho okwakumele sikuvune ngalokho kunikela. Kodwa nxa usakhumbula indaba yethu, sizesitshaye i-*Escalade* eqhatshiweyo ngesikhathi somhlangano sabuye sathi, “Siyayithanda leyi; sibona ukuthi kumele sithole eyethu enje,” sasingakhangelelanga ukuthi kungaba lomuntu ongasitshayela ucingo ethi ufuna ukusithengela yona. Kodwa, eqinisweni, yikho okwayenzakalayo. Njalo futhi, ngeqiniso, sasingatshelanga muntu ukuthi sifuna imota enje. Ngakho ngikutshelile mandulo, umhlobo omhlophe, umhlobo omfitshane, yiwo owavelayo, njalo wawumangalisa. Ngiyawuthanda.

Kodwa kusesekhona okumangalisayo kule indaba okwayenzakala ehlobo eledlulileyo. Sasesitshaye i-*Escalade* leyi

okomnyaka lengxenye ngesikhathi ihlobo lanyakenye lifika, kwathi ngelinye ilanga ngananzelela isibane esikhomba uhlupho ku-*engine*. “Akulandaba lapha,” ngazicabangela, kodwa ngangifuna iyehlolwa, ngakho ngadinga ingcitshi yayithatha. Yona yathi kwakungasilo hlupho olukhulu.

**NGIDINGA INKOSI
LOMBUSO WAYO,
KODWA KUWO UMBUSO
NGITHOLA OKWEDLULA
OKWANELEYO, ISABELO
ESIPHINDWE KABILI!**

I-*sensor* yayicithekelwa ngamafutha emota amancane ku-*exhaust*, kodwa kwakungasoze kudale uhlupho. I-*engine* yayisaqinile inqe ngangifuna ukutshayela. Ngababuza ukuthi kungani yayicithekelwa ngamafutha. I-*escalade* yami yayile-*exhaust* eyanziwe

emkambo, ngakho babethi kwakuyiyo eyayibangela uhlupho. Phindenjalo, bathi i-*engine* yakhona ngokwayo yayiqinile njalo yayisazakuba lesikhathi eside idonsa.

Ngolunye usuku, sisenza ingxoxo nje lendoda eyayinginike imota yeyo, ngakhuluma ngohlupho lwe-*sensor* engangilubonile. Yena wathi, “Yebo, sengakubona lokho kusenzakala kumaGMC.” “Eqinisweni,” watsho, “kuvamile kwezindala.” Waqhubeka ethi lokhu kwakungeke kuphazamise imota ngandlela bani lokuthi kwakumele nganelise ukutshayela imota le okweminyaka engu10 noma ephetsheya kungela hlupho.

Wayesazi ukuthi mina loDrenda silendlu esasisanda kuyithenga eFlorida. Ngahlala lapho ngimangele lapho esithi, “Ngizakutshela okuthile. Tshayela leyi uqonde eFlorida uyeyisebenzisela khona, mina ngizakuthengela eyinye eyokutshayela lapha eOhio.” Yebo, khathesi sengilama *Escalade*, amhlophe okobuhlalu, umhlobo omfitshane omuhle ngayo yonke indlela ngaphandle kwesibane

se-sensor esicebela *i-engine* esibonakala kanye luleya eyakuqala. Zonke sinhle ngayo yonke indlela! Ngiyaphindanjalo, kwebayisehlakalo sokuthi, “Ukubonile yini lokhuya?” Mina loDrenda siyaz-incweba ukuthi sibone ubuqotho bale indaba nxa sitshayela imota leziyana. Asihlawulelanga ngitsho leyodwa phakathi kwazo. Kodwa kulesisi isehlakalo sabakwazi ukuthi yisabelo esiphindwe kabili.

Angikutsheli indaba lezi ngoba ngizitshaya isifuba, kodwa mngane, ngingobusisiweyo! Ngikholisa isabelo esiphindwe kabili, njengoba lawe ususazi, siyikuba lokwedlula okwaneleyo. Ngilesiphala esigcwele imibhobho, eyedlula ezanelayo. Ngilawo ama-*Escalade* amabili afanayo engingawahlawulelanga. Ngilethemba lawe uyavumelana lami ukuthi ngokwedlula okwaneleyo! Akusikho kuthi ngikukhuthaza ukudinga izinto ezenyama ezibambekayo, hatshi akusikho. Ngithatha izinto lula nje, angithandazi zinto kumbe ukuxotshana lazo. Ngidinga iNkosi loMbuso Wayo, kodwa kuwo uMbuso ngithola okwedlula okwaneleyo, isabelo esiphindwe kabili!

Ima, angikaqedi ukufakaza ngobuhle beNkosi lesabelo esiphindwe kabili masinya kangaka.

Umkami wayefisa indlu yasegunjini lolwandle okweminyaka eyedlula engamatshumi amabili. Cha, kahle ngikutsho kuhle lokho. Useyifune okwephakade! Yena uyaluthanda ulwandle! Kungenani, ubebheke izindlu eziseceleni kolwandle okweminyaka. Emuva kwakuthi nxa kulentengo enhle kwenye indlu ayifunayo, imali yethu ibikade ibanjiwe emisebenzini yenkonzo ngakho besilinda. Yebo, lonyaka ngangikhuleka ekamelweni laphansi ngigibele ibhayisikili lami elingahambiyo. Ngokuphazima kweso, iNkosi yabeka isiqiniseko kimi, “Tshela uDrenda ukuthi aye eFlorida, kuleliya dolobho ayefisa ukuba lendlu khona, ngimtshale ukuba ayithenge indlu yakhe yasegunjini lolwandle kuyonale iviki. “Habe, kuyonale

iviki? Kwakulenkuthazo yokutshetsha enhliziyweni yami lapho ngisizwa lokho. Ngakho ngatshela uDrenda lokho iNkosi eyayikutshilo kimi, ngakho ngatshela omunye umngane wami owayehlala kulelo dolobho ukuthi asize ngokutshayela uDrenda okwensuku ezimbalwa edinga indlu. Umngane wakuthakazelela kakhulu ukukwenza lokho.

Ngakho uDrenda wangena emagagasini wenza uluhlu lwezindlu ezingamatshumi amabili lanhlanu ayefisa ukuzibona. Esefike khona, UDrenda wehlisa inani lakhe kusuka kumatshumi amabili lanhlanu laya kwezinhlanu ezazibukeka lale ayeyithandile. Ngaleso sikhathi, lami ngandizela khona ngahlanganela laye wangitshengisa izindlu lezi ezinhlanu lale ayeyithandile. Sehlisa inani ukusuka kwezinhlanu kusiya kwezimbili—le ayeyithandile lenye enhle kodwa ingafiki kule ayeyithandile. Kumele ngivume ukuthi ngathi ngiyibona le ayeyithandile, ngazi ukuthi nguye uDrenda, sacina sesibeke isinqumo sokuyithenga. Umnikazi wavuma esasifisa ukukuhlawula ngakho sasesiphetha isinqumo lesi sendlu yethu entsha. Ngemva kwamaviki ambalwa, sesisekhaya e-Ohio siziphumulela, uDrenda wamemeza ethi, “Le yindlu yami! “Ngiyazi,” mina ngatsho. “Le yindlu yakho. UNkulunkulu wangitshela ukuthi kumele ngikuthengele indlu yaselwanlde ngenkathi ngikuthumela elwandle kuleyaviki.”

“Hatshi,” yena watsho, “Wena awuzwisisi; le yindlu yami.” Waqhubeka esechasisa ukuthi wayekhangela izindlu okweminyaka ethile kulesosigaba, kwelinye ilanga wayebone umfanekiso wendlu leyi esasesiyithenga kumbiko wokuthengisa. Wathi eseyibonile, wayithanda. Wathanda yonke into ngayo, ukubunjwa kwayo ngendlela yesi-*Spanish Mediterranean*, ukwendlalwa kwamakamelo ayo, indawo lapho ekhona, konke nje. Ukhumbula ebeka umunwe wakhe kulo mfanekiso esithi, “Nkosi, ngifuna indlu leyi!” Kodwa

wayesazi ukuthi indlu le yayibiza ikanti thina sasesifake imali kweminye imisebenzi, ngakho waqhubeka ebuka ezinye izindlu ezazikunani esasingalanelisa. Kodwa ayikho enye ayithandayo, ngakho asizange sizame ukudinga isivumelwano sokuthenga kwenye yazo. Asibanga lokuthula mayelana lendlu eyodwa ethile.

Kumele wazi ukuthi sasitshale imbewu yendlu yaselwandle kuleli dolobho kuminyaka emibili eyayisiyedlulile. Ngaleso sikhathi safakaza ukuthi silendlu yegunjini kulelidolobho, sesilayo, sayamukela ngosuku sitshala imbewu. Ngiyayikhumbula indawo xathu esasimi kuyo sibambene ngezandla sivumelana ngendlu kaDrenda eyasegunjini lolwandle. Kodwa njengamanje sesikusinqumo sokuthenga, uDrenda wakhumbula umfanekiso ayewubonile kuminyaka emibili eyayedlule wananzelela ukuthi yiyo kanye indlu leya, indlu yakhe!

Sathi sesidingisisa imbali yendlu, safumana ukuthi umniniyo wayeke wazama ukuthengisa kuminyaka edlulileyo, kodwa ayizange ithengwe ngakho wayikhipha emkambo. Kulapho uDrenda ayebone umfanekiso wayo kuluhlu lokuthengiselana izindlu. Kodwa umniniyo wayesekhetha ukuyibuyisela emkambo njalo, lokhu kuchasisa ukuba kungani ngaba lesiqiniseko esiphuthumayo sokuthuma uDrenda elwandle lomlayezo othi, “Kumele uthenge indlu kuyonale iviki.” Yena uzakutshela ukuthi akusiyo ndlela engichitha ngayo imali leyo. Ukunanzelela isikhathi kuqakathekile. Okwamanje, imali yethu yayingabanjwanga ngezinye inhlelo ngakho yayikhona ukuthi uthenge indlu. Ngiyakholwa ukuthi banengi abantu ababebheke indlu leyi yiso isizatho sokuphuthuma. Ngokumangalisayo, intengo yayingakhuphukanga kuleya minyaka emibili eyayedlule, yena eqala ukuyibona. Ngiyakholwa uNkulunkulu wayemgcinele yona!

Kodwa nanti ihlandla lesabelo esiphindwe kabili kule indaba. Kwathi lapho isinqumo sokuthengiselana sisahlelwa, samukela ucingo luvela kunina kaDrenda. Babelendlu eCanada okweminyaka engamatshumi amathathu lambili eyedlulileyo. Sasike safika khona kambalwa ngokwedlula kweminyaka njalo sasiyithanda indlu leyi lalapho ekhona. Indlu le isesihlengini emanzini. Eqinisweni, ulwandle lukubanga lama *feet* angamatshumi amathathu usuka emuva kwendlu leyi. Abazali baka Drenda basebeguga ngakho bakhetha ukuthi abasafuni indleko lokukhathalela umuzi okhatshana lasekhaya kangaka. Beza kithi basibuza ukuthi kambe sasingathakazelela ukuyithenga indlu leyo mina ngathi hatshi. Kwakuluhambo lwamahola angu usuka e-Ohio, noma indawo ngangiyithanda, ngangingaboni kuyinto engangingayenza kanengi ngenxa yesikhathi sokuhamba. Ngakho babeka indlu kuluhlu

**UNGACABANGI UKUTHI
ISABELO ESIPHINDWE
KABILI SICINA NGOKUBA
LOKUBILI KOKUTHILE
KUPHELA. EQINISWENI,
ISABELO ESIPHINDWE
KABILI KALULA
YIKUBA LOKWEDLULA
OKWANELEYO.**

lokuthengisa, kodwa ngemva kokuhlala emkambo okweminyaka emibili akula muntu owatshengisa ukuyikhwabitha. Ngakho sathi sisamelele isivumelwano sethu sokuthenga indlu basitshayela ucingo bechasisa ukuthi basebezame ukuyithengisa indlu behluleka ngakho sebekhethe ukwephula intengo ngengxenye nxa sasingayithenga siyigcine emulini. Ngathi senginakana, abantwabami babekhule besiya

khona njalo yindawo enhle. Ngakho mina loDrenda sakhuleka ngakho sabanika impendulo yokuthi sizayithatha. Sasiphethe imali

eyaneleyo ukuthi siyithenge. Ngaphandle kwalokho, sasithengele inhlanganiso yami indizamtshina ngomnyaka owedlulileyo, okwakusivumela ukuthi siyefika kuyo ngamahola amahlanu hatshi angamatshumi amathathu lane adingekayo nxa utshayela imota. Lokho kwenza ukuya khona kwaba lula.

Sathi sesiphetha izivumelwano zezindlu zombili, ngangihleli ehofisini yami ngelinye ilanga okwangifikela khona masinyane, “Ima kancane, lesi yisabelo esiphindwe kabili! Umkami wayephupha ngendlu yaselwandle okweminyaka. Khathesi phakathi kwenyanga ezimbili, wayesethole umuzi ezansi kweleUnited states, efudumala ebusika kodwa itshisa kakhulu ukuba luncedo ngehlobo. Kodwa ikhaya laseCanada lilomkhathi omuhle kakhulu ehlobo kodwa kuyagodola kakhulu ebusika. Sananzelela ukuthi sasesilamakhaya aselwandle ukwenzela izigaba zombili. Yisimanga. Ngempela saphumisela sathi, “Ukubonile lokhuyana na?” lapho izinqumo zombili zisenzakala. Ngiyakholwa lawe usungavuma ukuthi lokhu kuloqhatshi lwesabelo esiphindwe kabili! Kuyamangalisa!

Sengisebenzise izibonelo ezehlukeneyo zokuthi uNkulunkulu waletha njani okubili kolutho lunye kimi loDrenda, engikholwa ukuthi uNkulunkulu wakusebenzisa ukuthi sibone isabelo esiphindwe kabili sisebenza. Kodwa ngifuna ukuba leqiniso lokuthi ungacabangi ukuthi isabelo esiphindwe kabili sicina ngokuba lokubili kokuthile kuphela. Eqinisweni, isabelo esiphindwe kabili kalula yikuba lokwedlula okwaneleyo. UNkulunku wayesebenzisa izibonelo ezehlukeneyo zokuthola okubili kokuthile ukuze akhange ingqondo yami kusabelo esiphindwe kabili. Ngakho kungenani ukuthi kuyini, ukubalakho kulethwa ngobunengi yisabelo esiphindwe kabili. Ngilethemba lokuthi uyabambisisa ngesabelo esiphindwe kabili lokuphumula kweSabatha. Impilo iyamangalisa

embusweni! Lapho ngiloba lesi sahluko ngihleli emzini wethu kweleCanada, ngibuka ulwandle ngefasitela. Kulamalanda lamadada adlalela egunjini laphaya okulibanga elingama *yard* angu 25 usuka endlini. Kulokuthula, ayikho impazamo, yahlawulelwa, njalo iyisibusiso. Mina ngisemsebenzini, ngisabela abantu indaba ezinhle ngoMbuso kaBaba, ngiyindodana endlini Yakhe, inzalo eMbusweni Wakhe omkhulu, njalo ngiyazikholisela isabelo esiphindwe kabili!

Mina loDrenda sesingaloba indaba ezinengi zokuthi uMbuso kaNkulunkulu lemithetho esebenza kuwo sokuguqule njani impilo zethu, ndawonye lezinkulungwane zabantu abasilobela ama-*email* besetha indaba zabo. Njengoba ngike ngabela, ungazibalela zonke lezizinto eBhayibilini, kodwa kuyamangalisa ukubona iBhayibhili lisendlaleka lesenzeka emehlweni ethu.

Omunye umqondo oseceleni engifisa ukuwengezelela lapha. Yikulinga ingozi ukwabelana labantu ngokuthi uNkulunkulu usibusise njani mina loDrenda lohambo esesiluhambile. Kanengi abantu bakuthatha kubi. Esikhathini bangacabanga ukuthi siyaziqhenya njalo sizigqaja. Kumbe bacabange ukuthi sithethe iminikelo lokwetshumi kwabo sazisebenzisela. Ngicela uzwisise ukuthi mina loDrenda asithathi mali evela kumsakazo wethu kumabonakude, njalo asithathi mali evela ekuthengisweni kwezinsiza zethu. Yebo, sithola iholo kuleli bandla esilholayo. Kodwa silamabhizimusi ethu esihleli silawo, uNkulunkulu uyawabusisa. Bengifisa wazi inhliziyo zethu lapho sisabelana indaba eziphathelane lathi mathupa. Ngizwe kufanele ukuthi ngikutshale lokho esazibonela khona, lalokho uNkulunkulu asifundisa khona ngalezo zehlakalo. Impumela engizayabelana lawe akusizo mpumela zikaGary loDrenda Keesee; asikwanelisi lokho thina! Cha, esesikubonile lalokho esikukholisayo kuyimpumela kaBaba

loMbuso Wakhe empilweni zethu. Siyabelana lezizindaba ngoba sifuna lawe ukwamukele ukuzwisisa! Thina, sasuka ekubeni yize, isizatho sokuloba kwami ugwalo lolu nguwe! Ngifuna wazi ukuthi kusebenza njani njalo uzwisise ukuze wamukele konke uNkulunkulu akubekele khona lawe.

Zwisisa ukuthi ngizonda ubuyanga ngomvutho. Iminyaka eyisificamunwemunye yokuphila ngokudangala okungapheliyo lokwesaba yikuphila esihogweni usesemhlabeni, ngempela! Ngithemba uzakhumbula ukuthi ukuphumula kweSabatha ngokwakho njalo ngokwami! Kusahluko esilandelayo, ngizakwenza uzwisise ukuthi ungena njani kikho ukuphula kweSabatha.

Umqondo oseceleni ngalesi sahluko. Ngithe ngiqeda ukuloba umutsho ophezulu, umabhalane wami uze ehofisini yami ethi kulebhokisi elithunyezwe mina eselifikile. Ngimangele lapho ngilivula, bekuyimbhobho emibili eminhle. Habe, yinkuthazo enkulu kangani! Bekungani uNkulunkulu ubeka “u-Ameni” kulokho engiqeda ukukutsho.

Ngemva kokuba ugwalo lolu soluyedindiswa ngayamukela inqola egcwele izingwalo, ngakujabulela ukufundisa izimiso lezi okwakuqala kumhlangano wethu we-Atlanta othiwa nguMhlangano Wenguquko. Ngangijabulela ukuba logwalo lolu lami lufinyelela abantu. Ngathi sengilungela ukuya ekamelweni lomcimbi ukuthi ngiyekhuluma, umabhalane wami wangitshayela ucingo ethi kulocingo oluvela kuleyandoda eyayinginike imibhobho kuqala, ethi ithi ifuna ukukhuluma lami khonokho nje masinyane. Ngakho ngamtshayela ucingo masinyane. Wathi wayejabula kakhulu ukuthi wayesevela ehofisini ye UPS esengithumele eminye imbhobho emibili! Phandle kwalokho, wayethumele uDrenda umbhobho, ngoba wayesazi ukuthi akazingeli, wayemthumele

i\$1,500 ngamalunga angamakhulu amadola ephepha. Ngayethuka. Ngezwa kunguNkulunkulu eqinisa lokho engangikwenza njalo ngenye indlela, engikhuthaza ukuqhubekela phambili. Abantu kumele babekwazi lokhu —uNkulunkulu ufuna ubekwazi lokhu! Kungenani ngathi ngifika endlini, ngajabuliswa yikuvula ibhokisi. Mina loDrenda sayamukela imibhobho yohlobo lwe-*Browning over and under*, ifanana xathu imihle kakhulu. Yomibili yayim-itsha. Phezu kwalokho ngangile *Browning semi-automatic 20 gauge* eligolide, besokuthi futhi, uDrenda ele\$1,500. Yiso isabelo esiphindwe kabili!

Ungabe uzibuza ukuthi kungani ngilembhobho yonke le. Yebo, ngiyavuma sengilembhobho eminengi emihle, hatshi elentengo ephansi, lami ngizibuza umbuzo ofanayo. UNkulunkulu wayengazisa ukuthi Yena wayethumela imbhobho ebizayo emihle eminengi kangaka ukuthi ngibone ubunengi bengcebo Yakhe, ukuthi ukwabela Kwakhe kuyedlula lokho mina engangikuca-bangela njalo kuyedlula ukuphila. Ngiyakuthola! Ngiyakubona!

ISAHLUKO 10

IMFIHLO YESABELO ESIPHINDWE KABILI

